


NGIMI EMNYANGO

NGINGQONGQOTHA

 Futhi Uyasisindisa esonweni. Futhi manje sizofunda indikimba encane nje, futhi sikhulume nani imizuzwana embalwa eZwini likaNkulunkulu. Isizathu, empeleni, leyo yingxenywe eyanele konke, yiZwi. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.”

² Manje ake sikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe.

³ Nkosi enomusa kakhulu, siyajabula kulokhukusa ngenhlanhla esinayo yokuma eBukhloneni baKho, sibheke phezulu kuWe, futhi siKubiza ngoBaba wethu. Lapho sikhumbula emiBhalweni yethu, ukuthi Wena uye wathi, “Anokhuleka, ‘Baba wethu oseZulwini.’” Ukwazi ukuthi asihlanzekile ngakho konke. “Sazalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, futhi seza ezweni sikhuluma amanga.” Futhi odabukile olusizi njengathi, futhi, nokho, ngeGazi leNdodana yaKho, iNkosi uJesus, ngomusa ongasifanele esiwuphiweyo, sinenhlanhla yokubheka phezulu bese sithi, “Baba.” O, siKubonga kanjani ngalokhu!

⁴ Futhi, namhlanje, sizoKucela, Nkosi, ukuba uhlole izinhliziyu zethu njengoba sisakhonza. Asizi lapha ngenye injongo ngaphandle kokuzokhonza Wena. Futhi ukubona, kulolusuku olukhulu esiphila kulo manje, lapho, ngokusobala, ukuthi konke kwehlulekile. Kodwa kunento eyodwa eqinisekile engasoze yehluleka, leyo nguJesus. Ngokuba Washo kithi, ngenkathi Esemhlabeni, ukuthi, “Kodlula amazulu nomhlaba, kepha amaZwi aMi awasoze ahluleka.” Isiqiniseko esinje pho esinaso, manje-ke, sokuphumeza isiphetho somphumulo wethu phezu kweZwi laKhe!

⁵ Futhi manje, kungukuthi, Linikwe thina, ngesimo seNcwadi ebizwa ngeBhayibheli, sazi ukuthi Lalotshwa nguMoya oNgcwele futhi lingahunyushwa kuphela nguMoya oNgcwele, kwangathi Angeza manje phezu kwaleliZwi elilotshiwe, futhi akhulume ngezindebe ezifayo, ezindlebeni ezifayo, futhi anikeze ukuqonda kwaPhakade. Siphe khona, Baba, ukuze kushukumise izinhliziyu zethu, ukuba siMthande kakhulu. Futhi ukuba nenhlanganyelo engcono naYe, ukusiletha esidlweni esisondele.

⁶ Manje-ke, singaKucela, kulokhukusa, Nkosi, ukuthi baningi abagulayo nabasweleyo lapha ebandleni nasezweni lonke. Kwangathi singemukela izinzuzo zemivimbo yaKhe yomzimba waKhe, phezu kowethu namhlanje, ngokuba kulotshiwe, ukuthi,

“Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina.” Futhi njengoba uDavide wasendulo wamemeza kakhulu, “Mbonge uJehova, O mphefumulo wami, futhi ungakhohlwa imisebenzi yaKhe yonke yomusa; Othethelela bonke ububi bakho; Owelapha zonke izifo zakho.” Siphe, namuhla, Nkosi, ukuthi kulokhu kukhonza, ukuthi wonke umuntu lapha odinga noma yini, insindiso yomphefumulo wabo, noma ukuphulukiswa komzimba wabo, kwangathi singazuza izinzuzo zalomhlatsshelo omkhulu kakhulu namuhla.

⁷ Siyazithoba kuWe manje, Nkosi. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzokhuluma ngathi, futhi uzozwa ngathi, futhi uphendule umkhuleko. Ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho ebusisiweyo, iNkosi uJesu uMsindisi wethu. Amen.

⁸ Kunokuningi okuhle eZwini likaNkulunkulu, kuze kube yinto enzima kunoma yimuphi umuntu ukuba ake akhethe umBhalo othize. Uma ngifunda iZwi, ngizothi, “Lokhu kuzwakala kukuhle kakhulu, ngizovele ngikudwebele. Bese kuthi-ke uma ngiya enkonzweni elandelayo, ngizoshumayela ngalendaba.” Futhi ngizohlala phansi imizuzwana embalwa, futhi ngizolalela uMoya lapho Ukhuluma. Khona-ke ngeke kube kodwa kancanyana nje, ngize ngiyobe ngifunda kaphambidlana, futhi ngizothola okuthize okuzwakala ngisho nakangcono. Futhi ngizodwebela lokho, futhi ngithi, “*Yilokhu* engizokhuluma ngakho, uma ngiya ebandleni ngokulandelayo.” Futhi i—into yokuqala niyazi, iBhayibheli lami limakwe ngezinto ezithize engizokhuluma ngazo uma ngiya ebandleni.

⁹ Inhle kanjalo-ke iNkosi, nokuthi iZwi laYo liyigugu kangakanani kwabangcwele baYo. Futhi inhlanhla enkulu kangaka esinayo namhlanje, kulelihora, nalapho kubukeka sengathi wonke amathemba alisekho, kodwa nokho ukuthola esisodwa esiqinile, isisekelo esiqinisekile, lelo yiZwi.

¹⁰ Bekusenhliziyweni yami ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, njengoba nje ngitshela uMfowethu Neville, noma ngithumela izwi kuye, ngoDadewethu Wood, ukuthi bengizokhuluma kulokhukusa phezu kwe *Isandla Esiloba Odongweni*. Bekuwumlayezo iNkosi eyanginika wona esitimeleni, ngibuya eCalifornia. Kodwa emlayezweni, kwakunyakazisa kakhulu, futhi ihora elinjalo, kwaze kwaba, kushiya abantu... ukuthola izinto ezinkulu, ngisho nakulomcibisholo isputnik wesimanje enizwa kakhulu kakhulu ngawo, kwembulwa eZwini likaNkulunkulu. Futhi ukubona ihora esiphila kulo, ngokuqinisekile sisekupheleni. Bese kuthi-ke ukushiya abantu kulesosimo, bese-ke ngaphandle kokuletha omunye uMlayezo ukukulandela, ukunikeza amathemba eBandla, khona-ke kushiya abantu bethi ukumangala, futhi kubenza babe nokwethuka.

¹¹ Ngakho-ke ngicabange ukuthi ngizolinda kuze kube yiSonto elilandelayo, ngibuya, bese kuthi-ke ngizokhuluma nge *Isandla Esiloba Odongeni*, ngeSonto ekuseni. Bese kuthi-ke ngeSonto ebusuku, ngikhulume ngokuthi, “iBandla lihlwithwa ngaphambi kweNhlupheko.” Bese kuthi-ke uma lezizinto sezisondele kakhulu, khona-ke uHlwitho luseduze kunalokho okuyikho, uma iBandla lingena eNhlu... ngaphambi kokuHlushwa. Ngakho-ke, ngineqiniso niyaqonda ukuthi Liyakwenza.

¹² Manje ngifuna ukufunda eNcwadini yeSambulo, esahlukweni se 3, okuphathelene nebandla lalolusuku. Futhi ivesi le 14, ngizakulifunda, ngiqale. ISambulo 3:14.

Nakuyo ingelosi yebandla laseLawodikeya loba ukuthi; Nakhu akushoyo uAmen, ufakazi othembekileyo noqinisileyo, owokuqala kokudaliweyo kukaNkulunkulu;

Ngiyayazi imisebenzi yakho, ...awubandi futhi awushisi: kwangathi ngabe uyabanda noma ubushisa.

Ngakho-ke ngenxa yokuba usivivi, ungashisi noma ungabandi, ngiyakukuhlanza uphume emlonyeni wami.

Ngoba uthi, Ngicebile, ngifuyile, kangisweli lutho; kanti kawazi ukuthi ungolusizi, ...olusizi, ...mpofu, ...ophuphuthekile, nohamba-ze:

Ngiyakululeka ukuba uthenge kimi igolide elicwengisiswe emlilweni, ukuze unganhle ucebe; nezingubo ezimhlophe, ukuze wembathe, kungabonakali ihlazo lobunqunu bakho; futhi ugcobe amehlo akho ngomuthi wamehlo, ukuze ubone.

Bonke engibathandayo, ngiyabasola ngibayale: ngakho shisekela, uphenduke.

Bheka, ngimi ngasemnyango, ngingqongqotha: uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.

¹³ Manje lelivesi la 20 yilapho engifisa ukuthatha khona indikimba, ukubona ukuthi uNkulunkulu uzosinika yini ingqikithi: *Ngimi Emnyango Ngingqongqotha.*

¹⁴ Wonke loMlayezo kulokhukusa, esisanda kuwufunda, ungamaZwi kaKristu uqobo lwaKhe, emva kokuvuka kwaKhe, ekhuluma onyakeni webandla wokugcina. Njengoba siqonda, kwakunamabandla ayisikhombisa ngalolosuku, amabandla ayisikhombisa ase-Asiya. Ngalinye lawo lalinengelosi, futhi lezozingelosi zathunyelwa ukuba ziqondise lamabandla kwehle kuwo wonke unyaka. Futhi manje siphelela onyakeni webandla wokugcina, iLawodikeya.

¹⁵ Futhi akujwayelekile kakhulu ukubona ukuthi lento ishaya kanjani kulokhukusa, ukuthi iphathelene kanjani nalelibandla

lalolusuku, ukubona izimo zabasivivi, nokunganaki ebandleni. Futhi bakusho kanjani lokho, “O, sisohlelweni olukhulu. Sakha isonto lesigidi. Futhi ibandla lethu liyaphumelela. Sinamalungu amaningi kunesake saba nawo. Umelusi wethu ukhokhelwa kangcono. Futhi singcono, ngakho konke.” Uma lokho kungelona ubizo losuku!

¹⁶ Kodwa, nokho, iBhayibheli lathi, “Wena ungohambaze, ompofu, olusizi, ophuphuthekile.”

¹⁷ Cabanga nje, uma umuntu enqunu, futhi empofu, futhi elusizi, futhi ephuphuthekile, futhi engakwazi. Manje, ukube ubekwazi, ubezozama ukuzithuthukisa. Ubeyogijima estaladini ukuyofuna izingubo zokugqoka. Ubeyozama ukuzithuthukisa. Kodwa uma ekulesosimo futhi engakwazi, into embi kangaka pho! Manje, futhi ebhekene nakho konke...Leyo akuyona indikimba yami.

¹⁸ UJesu wathi, “Ngimi emnyango ngingqongqotha. Futhi uma umuntu ezovula umnyango, Ngizongena kuye, futhi ngizodla naye, futhi naye naMi.” Isimemo esinje pho ku—kubantu abaphila kulolusuku! Ukubona lokhu kubonakala okubi esikubukayo manje! Futhi ngesimemo esikhazimulayo kangako, “Ngizoma emnyango ngingqongqothe. Futhi uma noma ubani ezwa, futhi avule, Ngizongena kuye; futhi Ngizodla naye, naye naMi.” Isidlo esinje pho! Inhlankhla engaka pho! Inhlanyelo engaka pho! Emi emnyango, engqongqotha!

¹⁹ Lapho ingcweti enkulu... angikwazi ukubiza igama lakhe njengamanje. Yadweba isithombe sikaJesu engqongqotha emnyango. Noma yisiphi isithombe, ngaphambi kokuba sibe yisithombe esidumile, sifanele sidlule ehholo labagxeki, a—abantu abayizingcweti ezidumile abagxeka isithombe. Bathola wonke amaphutha akuso. Ngakho-ke ngemva kokuba lesi sithombe esidumile sesidlule ngempela ehholo labagxeki, kwabuzwa indoda enikeze umdwebo. Umgxeki wathi, “Kunento eyodwa nje engingayithola ingalungile ngesithombe sakho.” Wathi, “Ukhohliwe ukubeka isibambo emnyango.”

²⁰ Nomdwebi wathi, “O, qha. Awuqondi ngokuyikho. Uma isibambo besingaphandle, Ubengaphakamisa isibambo bese eyangena. Kodwa isibambo singaphakathi; umuntu ongaphakathi ufanele aphakamise isibambo.”

²¹ Kungaleyo ndlela-ke. UJesu, ngomusa waKhe wonke kanye nozwelo lwaKhe lonke, nokho ungumuntu ozoMngenisa noma aMgcine ngaphandle. Unesibambo ngakuwe.

²² Engangqongqothelani umuntu emnyango womunye umuntu na? Kungaba yisiphi isizathu na? Ngani, kungukuthola ukungena. Ufuna ukungena. Uyafuna, unokuthile afuna ukukhuluma ngakho, noma okuthile azokukhombisa khona, uma kukhona ongqongqothayo emnyango wakho. [UMfowethu Branham ungqongqothe kane epulpiti—Umhl.] Bafuna ukuzuza

indawo yokungena, noma inhlanganyelo encane, noma okuthize abazoxoxa nawe ngakho. Yingalesosizathu uJesu engqongqotha emnyango.

²³ Ungacabangani, ukuthi phansi eminyakeni, izingcingo eziningi ezifika emizini yabantu na? Ake sibuyele emuva imizuzwana wembalwa nje.

²⁴ Ake sicabange ngoKhesari Augusta omkhulu ezinsukwini zombuso wamaRoma. Kuthiwani uma isosha elihamba ngezinyawo belihlala ezansi emjondolo omncane ndawana thize, futhi uKhesari Augusta ubengafika evela esigodlweni sakhe, futhi wehlela emjondolo omncane lapho okwakhulala khona umuntu ohamba ngezinyawo wakhe, futhi wangqongqotha emnyango na? Yeka injabulo okwakuyoba yiyo kulowo muntu ohamba ngezinyawo! Ngani, umbusi omkhulu wamaRoma wayesemnyango wakhe, ezama ukukhuluma naye. O, ubengajabula. Ubengavula umnyango futhi awe ngobuso bakhe, wabe esethi, “Mbusi omkhulu, ngena endaweni yami yokuhlala ethobekile. Futhi noma yini oyibonayo ukuthi uyayifuna, ingeyakho.” Impela, ubeyojabula kakhulu ukuba ne—nehlanhla enjalo yokubungaza umbusi waseRoma ngosuku lwakhe.

²⁵ Yeka ukuthi bekungaba yinhlanhla engakanani kumuntukazana, ezinsukwini zika-Adolf Hitler eJalimane, uFuehrer waseJalimane! Ukube wehla waya endlini yomuntu ompofu, futhi ubengangqongqotha emnyango, futhi indoda ibiqonde emnyango yaphakamisa ikhethini yase ibheka. Futhi Fuehrer waseJalimane, uHitler omkhulu, wema ngasemnyango wakhe; umbusi, undlovu kayiphikiswa waseJalimane. Ubeyothi, “Awu, angifanele ukuthi indoda enjalo ingangqongqotha emnyango wami. Ngabe usho ukuthi uHitler ufuna ukukhuluma nami, umuntukazana na?”

²⁶ Ngani, ubengavula umnyango, futhi awe ngobuso bakhe, futhi athi, “Hitler, ngena ekhaya lami. Impela. Noma yini elapha ingeyakho, Fueherer omkhulu waseJalimane.” Ngokuqinisekile, ubengajabula ukuthi ukwenzile. Hhayi lokho kuphela, kodwa ubeyohlonishwa ukukwenza, ukucabanga ukuthi uHitler ubezofika emnyango wakhe.

²⁷ Futhi ufanele ubheke ukubaluleka komuntu ongqongqothayo emnyango wakho. Lokho kuhlangele nakho. Uma bekuyisinxibi, ubungaba nelungelo lokuvala umnyango, noma ungayi emnyango; uma ubungenalutho ongasinika lona, futhi usizwelile isinxibi. Kodwa ukube ubengumuntu obalulekile. . .

²⁸ Ngingathi, namhlanje, uma—uma uMongameli Dwight Eisenhower ehlela lapha eJeffersonville, namuhla, futhi angqongqothe emnyango wanoma yimuphi owombuso wentando yeningi olungileyo, ungazizwa uhlonipheke kakhulu ukuya emnyango futhi wamukele uMongameli Eisenhower. Nakuba

uhluka kuye, kwezombusazwe, ungamthakasela ngempela uma engqongqotha emnyango wakho. Ngoba ngani na? UnguMongameli wase-United States. Uyindoda ebaluleke kakhulu. Futhi nakuba wehluka kuye, kwezombusazwe, bekuyoba udumo kunoma yimuphi ombuso wentando yeningi, kuleli dolobha noma nanoma yiliphi elinye idolobha, ukubungaza uMongameli Dwight Eisenhower, ngenxa yokubaluleka kwakhe njengoMongameli wase-United States. Uyindoda enkulu, indoda ehloniphekile, futhi unesikhundla esihloniphekile.

²⁹ Muva nje, evela eNgilandi, kufike indlovukazi. Yenyukela eCanada. Ivakashela kulo lonke elaseCanada. Yabe-ke isifika e-United States. Futhi bekungeke kube khona umuntu e-United States kodwa obengajabula uma leyondlovukazi ibingabavakashela.

³⁰ Ubungacabangani kulokhukusa, ukuba iNdlovukazi yaseNgilandi, nakuba ungesona isikhonzi sayo, uyisikhonzi saseMelika, kodwa, nakuba, bekungaba njani ukuba ibingeza futhi ingqongqothe emnyango wakho na? Futhi wawubona izincekukazi zayo, kanjalonjalo, zimi lapho. Futhi uyothi, “NgiyiNdlovukazi yaseNgilandi. Ngize ukuzovakashela wena.” Bekungaba udumo olunjani lokho, ngenxa yokubaluleka kwayo. Iyindlovukazi. Futhi enye yezindlovukazi ezinkulu kunazo zonke emhlabeni yiNdlovukazi yaseNgilandi. Nokho, ayinamandla kulesi sizwe. Kodwa ngenxa yokuthi ibalulekile, ubuyokujabulela ukuyingenisa. Ngingakujabulela ukuyingenisa, ukwazi ukuthi ngibe nenhlanhla nenhlonipho yokubungaza iNdlovukazi yaseNgilandi.

³¹ Kodwa, o, uJesu uzoma emnyango futhi angqongqothe, futhi sizoMvimbela ngaphandle. Ngeke sivule umnyango. SiyoMvumela nje angqongqothe. Futhi ubani obaluleke ukudlula uJesu na? Ngitshele ukuthi ubani ongomkhulu kunaYe. Futhi lapha Uthi, “Ngimi emnyango, ngingqongqotha; futhi uma umuntu evula, ngizongena.”

³² Ukube ubunabo bonke oKhesari, bonke oHitler, bonke abesilisa nabesifazane abakhulu bomhlaba bemi phambi komnyango wakho, ubungeke ube noyedwa, bonke behlanganiswe ndawonye, ubengeke aqhathaniswe naLowo omi emnyango, nsuku zonke, futhi engqongqotha enhliziyweni yakho, iNkosi uJesu. Ufuna ukungena. Ufuna ukukhuluma nawe. Ungomunye wezikhonzi zaKhe. Wenziwa ngomfanekiso waKhe. Uyisidalwa esingumuntu esenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu. Futhi Ulangazelela ukukhuluma nawe. Akayi nje kwabakhulu, osaziwayo. Uza kwabampofu nabaswele. “Noma yimuphi umuntu ozozwa iPhimbo laMi, futhi avule umnyango, ngizongena futhi ngikhulume naye.”

³³ Cabanga nje ukuthi kusho ukuthini kulokhukusa: ENkosini yeNkazimulo. NgoNGINGUYE omkhulu. NgaLowo owayesesihlahleni esivuthayo. [Akuqoshwanga—Umhl.] NgaLowo Owahlukanisa amanzi oLwandle oluBomvu, ukuba abantwana bakwa-Israyeli bawele. Noma ngaLowo Owakhuluma nelanga lama. Lowo Owabumba inyanga nezinkanyezi, futhi wazifaka ezingoxeni zazo, ukuze zikhanye. Lowo Owathi, “Lazaru, phuma,” nendoda, efile, izinsuku ezine ethuneni, yaphila futhi. Cabanga ngakho! Lowo Owangena emphandwini wezingonyama noDaniyeli, futhi wamvikela ezingonyameni. Lowo Owangena esithandweni somlilo, kanye nabantwana bamaHeberu, futhi wabhula umlilo kubo. Lowo Owama wayesethi, “Mina ngingukuvuka nokuPhila. Lowo okholwa yiMi, noma efile, wophila. Ophila akholwe yiMi akasoze afa.”

³⁴ Uma emnyango wesintu esiwile, engqongqotha, futhi ezama ukuthola ukufinyelela emphefumulweni. [UMfowethu Branham ungqongqothe epulpiti izikhathi ezingangana—Umhl.] Futhi simxoshile lowoMuntu obalulekile.

³⁵ O, wena uthi kimi, manje-ke, “Mfowethu Branham, ngehluka kuwe khona lapha, ngoba sengivele ngiMngenisile.”

³⁶ Awu, lokho kuhle kakhulu. Ngijabula kakhulu ngokuthi wenze lokho, waMngenisisa. Kodwa, manje-ke, niyazi ukuthini? Kubonakala sengathi ngemva kokuba usuMngenisise emnyango, unezindlwana eziningi ezincane—ezincane enhliziyweni yakho. Futhi uzoMemukela emnyango, “Yima nje khona lapha, kodwa ungaqalazi endlini yami.”

³⁷ Ungacabanga utshela uFuehrer ukuthi angangena, kodwa wayengekwazi ukubheka indlu na? “Manje, Fuehrer, ungama lapha emnyango, Mnu. Hitler, kodwa ungabheki *kulelikhosomba*. Ungabheki *ngapha*. Ngingezimfihlo ezincane engingafuni wazi ngazo.”

³⁸ Yileyondlela thina, ngezinye izikhathi, esizibiza ngamaKristu, esiphatha ngayo uJesus. “Ungangena. Yebo, ngiyakholwa ukuthi Wena uyiNdodana kaNkulunkulu, kodwa ungangeni ekugxambukeleni ebhizinisini lami.” Niyabo? Yilowo umugqa wengozi. Unezindawo ezincane enhliziyweni yakho, iminyango emincane engena emakhosombeni amancane ayimfihlo enhliziyweni yakho. AmaKristu analawo. Futhi abaningi abavumela uJesus angene, akazimisele ukuvumela uJesus ukuba abe nendlela yaKhe. Akamukelekile neze.

³⁹ Uma ngifika endlini yakho, futhi ungamukele, ngizizwa sengathi ngingumfowenu. Futhi ngingaya noma yikuphi lapho engifuna ukuya khona, uma ngamukelekile ngempela, uma ngiza endlini yakho. Ngizizwela kanjalo uma uthi, “Siyakwamukela,” lokho kusho ukuthi ngamukelekile noma yikuphi endlini. Bengizovele ngiqhubeke ngqo. Uma ngifuna

ukucambalala isikhashana, ngizongena ekamelweni lokulala. Futhi uma ngifuna uku—ukudla isikhashana, ngizoya ekhishini. Bengingavele ngizizwe ngamukelekile.

⁴⁰ Futhi uma uza endlini yami, noma mina endlini yakho, bese uthi, “Manje, ungema khona lapha, kodwa ungalingili uvule *lowomnyango*. Ungahambi *lapha*”? Bengingeke ngamukeleke kakhulu.

⁴¹ Awu, kunjalo-ke namuhla ngabantu abazibiza ngamaKristu. Wena uthi, “O, ngisonta ebandleni.” Kuhle lokho. Kodwa uyabona, isizathu sokuba kube nezinkinga ezingaka ebandleni, isizathu sokudideka okungaka ebandleni, ukunganeliseki okungaka ebandleni, akusikho ukuthi uJesu akekho, yingoba uJesu akakwazi ukufinyelela ezindaweni Afuna ukuya kuzo. Sinalezo zindlwana ezincane, futhi sithi, “O, qhabo, ungakuthinti *lokho*. Manje Ungangena, kodwa, o, lokho sekwanele kakhulu. Ngizojoyina ibandla, kodwa, kungenjalo, ngivumele ngiqhube ibhizinisi lami.”

⁴² UJesu ufuna ukuba umbusi ophakeme wobuwena bakho. Futhi indlela kuphela Angakubusisa ngayo yilapho Eba yiNkosi yakho. *INkosi* “iwukubusa, ubunikazi.” Ubani owakwenza na? UJesu. Ubani onelungelo kuyo yonke indawo enhliziyweni yakho na? UMdali. Ungabi nezimfihlo phambi kwaKhe. Vula inhliziyweni yakho.

⁴³ Manje ake sikhulume, umzuzwana nje noma emibili, kweminye yaleminyango emincane.

⁴⁴ Omunye wayo ngumnyango omncane wobugovu. O, lokho sikuthola kakhulu enhliziyweni yalowo othi ungumKristu. Ubogovu, o, wena...ngi...“Ngokwami kanye nokweqembu lami. Inqobo nje uma kusehlelweni lami, kulungile. Kodwa uma kungaphandle, uma kungelona ibandla leBaptisti, noma kungeyona iPresbyterian yami, noma iPentecostal yami, uma lingaphandle kwama-Assembly, noma kanjalonjalo, akulungile.”

⁴⁵ Manje-ke, niyabo, uKristu angeke abe nokubusa. Angeke abe yiNkosi. Uma EyinKosi, Ungumbusi.

⁴⁶ Uma uthi, “Awu, ngi—ngithanda ukuba Angenzele into ethize, kodwa uma ku...uma ngingathola okungaka kukho. Ngizoya esontweni uma kuzokwenza abantu bomphakathi wangakithi bacabange kangcono ngami.” Kodwa ngeke uwuvule lomnyango omncane. “NgizoMemukela, kodwa angeke ngiMvumele angene kulendawo encane, ngoba bengilokhu ngingalendlela kusukela ngisewumntwana, futhi ngizwa sengathi ngithe ukudlula kancanyanyana phezu kwalolo hlobo lwabantu. Ngizongenisa uJesu, kodwa angisoze ngaya kuleyo yamamishini amadadlanyana, enye yalezo zindawo lapho bonke bempompoloza u ‘Amen,’ no ‘udumo kuNkulunkulu,’

no 'Haleluya.' NgizoMngenisa, kodwa ngeke—ngeke ngiye kulokho." Akayona iNkosi yakho.

47 "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi." Khona-ke UyiNkosi yakho. Ungumbusi.

48 "NgizoMngenisa, uma bezongingenisa ebandleni eliwedlula onke edolobheni."

49 Angikhathali noma bebengabeka...uma bengifuna ukungena egcekeni lehhokwe. Nomaphi lapho Afuna ngiye khona, bengizofuna ukuhamba, inqobo nje uma Engibiza. NgizoMngenisa ngezizathu zokuthi Yena uyiNkosi yami. Noma yini Afuna ukuyenza, Makayenze.

50 Kukhona omunye umnyango omncane okuthiwa ukuzidla. O, odeveli abancane ababi kangaka ababoshelwe kuleyohliziyo yokuzidla, ucabanga ukuthi ungcono kunomunye umuntu. "Awu, ngeke ngibathumele abantwana bami lapho. Abagqoki kahle. Abantu abaya lapho abekho ezingeni lami."

51 Uma uKristu eyiNkosi enhliziyweni yenu, sonke siyizinga elilodwa ngenxa kaMoya owodwa. Sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni munye. Ukuzidla, kuzwakala kancane nje...Into eyinkimbinkimbi onayo. O, awufuni uJesu akuthinte lokho, ngoba kungalulaza ukuma kwakho kwezemhlalo emphakathini. Ngingancamela ukwehlisa isithunzi sami somphakathi emphakathini, kunokuba ngisuse igama lami eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Kodwa angeke baMvumele ukuba angene. Lokho kuzidla okuncane kuMkhiphele ngaphandle.

52 "O, Jesu, yebo, ngizojoyina ibandla. NgizoKwemukela, kodwa, o, ungabheki *kulelikhosomba*. Ngoba, Ungahlala phansi esihlalweni ngasemnyango, kodwa bengineke ngivume Wena ungene *kulelikhosomba*." Khona-ke Yena angeke abe yiNkosi yakho. Yena ufanelele akwazi ukufinyelela kulo lonke igumbi elisendlini, lonke igunjana, zonke izinto ezincane ezisithekile zokuphila. Ufanele abe nokufinyelela kukho konke nokuncane kwakho, khona-ke Uba yiNkosi.

53 Yini Afuna ukuyingenela enhliziyweni yakho na? Kungukuba abe yiNkosi yakho. Ungqongqotha emnyango, ukuba abe nguMsindisi wakho. Futhi uma ubambe ubugovu, nokuzidla, nenzondo, nazo zonke lezi zinto enhliziyweni yakho, Angeke abe yiNkosi. Noma uMemukela ngaphakathi, Angeke abe yiNkosi. Lapho EyiNkosi, UyiNkosi phezu kwakho konke. Futhi yilokho Akungqongqothelayo. [UMfowethu Branham ungqongqotha kane epulpiti—Umhl.] "O, Nkosi," wena uyasho. Mngenise.

54 "Ngifuna ukungena ngidle." Okusho ukuthi *ukudla*, i "nhlanganyelo." Ngenkathi ninenhlanganyelo, omunye nomunye, kanjani ukuthi i—iNkosi nawe ningabangane. Ningabahlanganyeli, futhi noma yini onayo, naYe unayo. Noma

yini Anayo, khona-ke, unayo, nawe. Niyabo, Uba nguwe, ukuze ube nguYe, nakho konke kuyafana.

⁵⁵ Bese kuthi-ke kunomunye umnyango omncane enhliziyweni, engingathanda ukukhuluma ngawo kulokhukusa, nalowomnyango omncane ungumnyango wokukholwa. Abaningi abazisho ukuthi bangamaKristu abafuni ukuvula lowomnyango wokukholwa. Manje wena uthi, “Nkosi, Ungangena. Kunjalo. Kodwa angikholelwa ukuthi lonke iBhayibheli liqinisile. Ngizothatha lokho okushiwo yisonto lami, kodwa ngeke ngikuthathe konke okwalo.” INkosi iyoke ikubusise kanjani khona-ke na? Angaba kanjani iNkosi nomphulukisi wakho, uma Engakwazi ukuvula umnyango wokukholwa wenhliziyo yakho na? Uma Engangena futhi nizoMamukela, Uyovula lowomnyango. Futhi Uyongena kulokho kukholwa kwakho, futhi Uyodla nawe, emnyango wokukholwa.

⁵⁶ O, ngifuna ukuMemukela, kulokhukusa, enhliziyweni yami, kuwo wonke amagumbi, kukho konke engiyikho. Ngifuna ukuMemukela kuyo yonke iminyango. Ngiwushwibe uvuleke, futhi ngime lapho futhi ngange inkomishi yezibusiso kanye naYe, emnyango, bese ngithi, “Yebo, Nkosi, konke engiyikho, nakho konke enginakho, nakho konke, kungokwaKho. Masime kulomnyango, Nkosi, futhi sixoxisane omunye nomunye. Masibe nesidlo emnyango wokukholwa, Nkosi. Masibe nesidlo emnyango wokuzidla, Nkosi. Masibe nesidlo emnyango wobugovu, Nkosi. Thatha konke kimi, Nkosi.” Ukukholwa!

⁵⁷ O, wena uthi, “Ngizojoyina ibandla, kodwa ngikholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule.” Bese-ke uyengqaba ukuvumela iNkosi ingene ngomnyango wokukholwa futhi izibonakalise Yona kuwe. “O, yebo,” wena uthi, “kodwa, Mfowethu Branham, ngingumKristu.” Ngiyazi, s’thandwa esithandekayo, wena ungumKristu, futhi ngiyakuthakasela lokho, ngokwamukela iNkosi, kodwa uphila ngaphansi kwenhlanhla yakho. Ugcina umnyango wakho uvaliwe. Ugijima uya emuva naphambili, kanjalonjalo, ngoba awukholwa.

⁵⁸ Ufanele uvule lowomnyango wokukholwa, futhi uMngenise, khona-ke Uzokunika isifiso senhliziyo yakho. “Olindela iNkosi uyothola amandla amasha. Bayakuhphuka njengezinkozi; bayakugijima bangakhathali; bayohamba bangapheli amandla.” “Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ehlala kini, celani enikuthandayo, niyakuphiwa.” O! “Ngiqinisile, Ngithi kini, uma nithi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ futhi kusichazamazwi sasekuqaleni sesiGriki, kuthi, “‘vuswa uphonswe olwandle’ futhi ukholwe ukuthi kuyenziwa.” O, he! “Kholwa ukuthi kuyenziwa; uzakuba nakho lokho okushoyo.” Impela.

⁵⁹ O, akudingekile ukuba kube ngokuzenzakalelayo. Akufanele kube ngaleyondlela. Akunjalo impela. Inqobo nje uma ukukholwa. Kulapho-ke amaKristu ehluleka khona namuhla.

⁶⁰ IBhayibheli lathi, “Ukukholwa kuwukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo. Ngubufakazi bezinto ezingabonwa.” Khona-ke ungathini kukho na? Manje, akusiyo inganekwane. Akuwona umcabango. Akulona ithemba. Akusona isifiso. “Kuyinto.” Empeleni into onayo.

⁶¹ Ngokwesibonelo, ngiza kuwe, futhi ngithi kuwe, “Ngilambile. Ngifanele ngithole isinkwa.”

Futhi wena uthi, “Udingani na? Udinga malini na?”

⁶² “Ngidinga amasenti angamashumi amabili nanhlanu, ukuthenga ulofu wesinkwa. Ngilambile.”

⁶³ Futhi wena uthi, “Nanka amasenti angamashumi amabili nanhlanu.” Manje, amasenti angamashumi amabili nanhlanu amandla okuthenga ulofu wesinkwa. Futhi inqobo nje uma ngisenawo amasenti angamashumi amabili nanhlanu, nginawo. Kuyinto. Ngingajabula ngokufanayo nje, ngimi lapha namasenti angamashumi amabili nanhlanu, nolofu wesinkwa kuSpring Street.

⁶⁴ O, malibongwe iGama laKhe! AwuMvumeli angene. Vula lowomnyango wokukholwa. Uma Esho noma yini, yiQiniso. Lapho isethembiso saKhe sikuwe, lokho kuyinto. Uma ukukholwa kugxilisa okwehange, ukwazi ukuthi uNkulunkulu akanakuqamba amanga, sekuxazululiwe.

⁶⁵ Manje, ngingamasenti angamashumi amabili nanhlanu. Akuyona nje into ethile engiyicabangelile. Ngiphethe amasenti angamashumi amabili nanhlanu. Ngiphuma emnyango. Ngani, ngijabule njengoba nje ngi . . . ukuba benginesinkwa, ngokuba ngingamandla okuthenga.

⁶⁶ Futhi uma ngingokukholwa, imisebenzi isifeziwe; uma Engavula lowomnyango futhi angene, futhi anginike ukukholwa kukaNkulunkulu enhliziyweni yami. Sekufeziwe, lapho sengiNgamkholwa ngempela. Kungahle kungenzeki ngaso lesi sikhathi. Niyazi, iBhayibheli lasho, ukuthi, “UMose wakhuthazela, eMbona Ongabonwayo.”

⁶⁷ Abaningi benu kade bengaleya beyobona iMiyalo eyiShumi, ekade ikhonjiswa eLouisville isikhathi esithile. Isithombe esihle kakhulu.

⁶⁸ Manje, “UMose wakhuthazela, kwangathi uyaMbona Ongabonwayo.” Okungabonwayo, *wakhuthazela*, okusho ukuthi, “waqiniselela.”

⁶⁹ U-Abrahama, ngenkathi enikwa isithembiso, ngenkathi wayeseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, ukuthi wayezoba nomntwana ngoSara. Kwaxazululwa. Ngalo kanye ihora u-Abrahama avula ngalo inhliziyi yakhe, nomnyango wakhe wokukholwa, futhi wathi, “Kuzakwenziwa.” Futhi lapho ekhula, a . . . iBhayibheli lathi, “Akazange abe buthakathaka, ngokungakholwa; kodwa waqina ekukholweni,

edumisa uNkulunkulu, ngokuba azi ukuthi Unamandla okwenza lokho Ayekushilo.” Nakho-ke ukukholwa. Iminyaka yadlula. USara, akunamehluko. “Kepha akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa; kodwa waqina, edumisa uNkulunkulu.”

⁷⁰ Thina esizibiza ngamaKristu, sivumela uJesu angene. Uthi, “O, ngingumKristu.” Futhi ungakhulekelwa, noma ugcotshwe, noma wenze lokho uNkulunkulu athi kwenze, noma Angenza isimangaliso esithile phambi kwakho, futhi ungasibona; futhi uma ungaphulukiswa khona manjalo, “Awu, yilokho-ke. Angikaze ngikuthole. Ngizobuya ngokuzayo.” Niyabo, akusikho ukukholwa.

⁷¹ Ufanele uMngenise, uthi, “Nkosi, nanku umnyango, ngena futhi ubambe.” Bese kuthi-ke lapho Engena lapho, sekuxazululiwe inguna phakade.

⁷² “Ngimi emnyango ngingqongqotha.” Uzama ukungena kulowomnyango omncane wokukholwa. Uma kuphela Ekwazi ukusebenza ngendlela yaKhe phakathi lapho, khona-ke kuyinto exazululiwe.

⁷³ Uma ngihamba namasenti angamashumi amabili nanhlanu esandleni sami, kuhle nje njengesinkwa, kimi, ngokuba nginamandla okuthenga i—into engiyifunayo.

⁷⁴ Futhi uma ukukholwa kubambelela enhliziyweni, akukho’nto engalunyakazisa. Umsebenzi usufeziwe. UNkulunkulu usekuxazululile. Kwenziwe ingunaphakade.

⁷⁵ Ngehla ngesitaladi. Ngiwela umfula. Ngidlula endaweni yokhula. Ngiya ngokulamba, ngaso sonke isikhathi. Angikasitholi isinkwa nokho, kodwa, ngaso sonke isikhathi lapho ngihamba, ngiyathokoza ngoba nginamandla okuthenga nesiqiniseko sokuthi isinkwa singesami.

O, malibongwe iGama laKhe elingwele!

⁷⁶ Uma ngi... Ngaphambi kokuba ngifike lapho, ngingahle ngibe namajaqamba; Ngilambe kakhulu. Ngingahle ngixakeke, ngize ngilwe ukuthola indlela yami emahlathini, njengohlanya. Kodwa inqobo nje uma ngisabambe amasenti angamashumi amabili nanhlanu, isinkwa kufanele sifike.

⁷⁷ Nakho lapho ukhona, inqobo nje uma lokho kukholwa kugxilise okwehange! Odokotela bangahle bangenqabe, konke, yonke into, kodwa ngizoba lapho. Ngizophulukiswa. UNkulunkulu washo njalo. NgizoMngenisa emnyango wenhliziyo yami. Ukukholwa kwami kwanikelwa kuYe, futhi Wanginika isithembiso, futhi akukho okuyokuphazamisa. Kulapho. Ukukholwa!

⁷⁸ Umnyango wokukholwa, mangaki amaKristu aMgcina ngaphandle na? Bangaki abantu bePentecostal abaMgcina ngaphandle kulowomnyango wokukholwa na? Mangaki

amaBaptisti na? Mangaki amaPresbyterian na? AmaMethodisti na? Lowo mnyango!

⁷⁹ O, miningi iminyango. Omunye engizakukhuluma ngawo, futhi lowo umnyango emehlweni akho. Wathi, “Uphuphuthekile, kanti kawazi.” Ukhuluma ngebandla namhlanje, liphuphuthekile ngokomoya.

⁸⁰ Bengikhuluma ngolunye usuku. Okungukuthi, lokhu angikwazi ukukusho esidlangalaleni. Kodwa kuMfowethu Sothmann lapho, nabanye abaningi, uLeo noGene, kanye nabo, “Kuza kukuphi kokhu na?” Ngasho. “Kungani abantu bengaziboni lezi zinto na? Kungani bengaqondi na?”

⁸¹ Ngisho leso sithombe sifanele sinyakazise izizwe, kodwa hhayi ngisho—hhayi ngisho nephephandaba ebelingakuqukatha. Wathini uGeorge J. Lacy, we-F.B.I. na? Wathi, “Mnu. Branham, lokho kuzoba sezitolo zikasheleni, ngezinye zalezi zinsuku, kodwa hhayi ngenkathi usaphila.” Akukaze kwenanele. Akukaze kuphendule ngolunye usuku. Ngacabanga, “Qiniso.”

⁸² Cabanga ngohlanya ePortland. Cabanga ngezinyanga bathakathi zaseNdiya. Cabanga ngenhlanzi encane, Mfowethu Wood, emfuleni. Cabanga ngezinto ezingenaphutha, ubufakazi. Futhi nokho angikwazi ngisho nokuphuma, neze, futhi ngibambe umkhankaso omkhulu; wazibamba. Kukhona obekungadedela, kodwa kuyazibamba. Kuyini na?

⁸³ Abazange bamazi u-Eliya kwaze kuba usehambile. Abazange bazi abaningi babo. Babengazi ukuthi uJohane wayengubani waze wanqunywa ikhanda. Abazange bazi uJesu eba nguMsindisi wezwe waze Wabethelwa esiphambanweni futhi wavuswa futhi.

⁸⁴ UPatrick oNgcwele wayelizonda ibandla lamaKatolika, futhi walibhikishela. Kodwa ngemva kokuba esefile, bamgcoba njengongcwele. Babengazi ukuthi wayengongcwele waze wafa futhi ngasekho.

⁸⁵ Abakaze bazi ukuthi uFrancis oNgcwele wase-Assisi wayengongcwele. Wabhikishela ibandla lamaKatolika. Wayengumshumayeli ohambayo neBhayibheli ekhwapheni lakhe. Wehlela emfuleni ukuyoshumayela, nezinkanyezi ezincane zimpompoloza. Wathi, “Bodadewethu abancane, thulani; Ngishumayela iZwi likaNkulunkulu.” Bavale umlomo. Kodwa babengakwazi lokho waze wafa isikhathi eside.

⁸⁶ UJoan wase Arc, owasindisa France, intombazane wayengongcwele. Wayengowomoya. Wabona imibono. Wayengowesifazane womoya. Wezwa izingelosi zikhuluma naye. Wezwa izwi likaNkulunkulu. Wabona imibono. Bathini na? “Ungumthakathi.” Nebandla eliKatolika lashayela isigxobo phansi futhi lamqhubela kuso, futhi lamshisa, labobapristi bakwenza, futhi eklabalasela umusa.

⁸⁷ Eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, baqonda ukuthi wayengongcwele, ngakho-ke benza ukuphenduka okuningi. Bazimba lezozidumbu zabapristi abamshisayo, base besiphonsa emfuleni. Lokho kungukuphenduka okuningi, kusobala. Kodwa babengamazi waze wafika futhi wahamba.

⁸⁸ UJesu wathi, “Abakholwanga, ngokuba u-Isaya wathi, ‘Banamehlo, kepha kababoni; izindlebe, futhi abezwa.’”

⁸⁹ Kuphela izolo ebusuku, ekhasini leBhayibheli lami, esikhathini esithile esedlule, embonweni iNkosi eyayinginike wona, futhi ngangiwukhulume ebandleni. Futhi-ke Wathi kimi, “Hamba uye e-Afrika, bese ubuyela eNdiya.”

Ngathi, “Yebo, Nkosi.”

⁹⁰ Futhi ngenkathi uMnu. Baxter engitshela, eCanada, noma eChicago, wathi, “Asiye eNdiya. Ayeke phansi lawo maBhunu; ngeke abambisane nathi kahle.”

“Kulungile,” ngasho.

⁹¹ Ngakukhohlwa. Lapho ngiya ekhaya, iNgelosi yeNkosi yahlangana nami phakathi kwamagumbi amabili; iNsika yoMlilo, ukuKhanya, Yona kanye efanayo *lapho*. Futhi Yathi, “Hamba uye e-Afrika njengoba ngishilo.”

Futhi ngemva konyaka, baphinde bakhuluma nami ngakho.

⁹² Futhi ngakukhohlwa; Angizange ngikubhale phansi. Futhi nganginomfana wami lapho ePortugues, eLisbon, Portuguese. Futhi ngashaywa ngalahlwa phansi, ngigula, ubusuku bonke. Futhi ngakusasa ekuseni, ngangiyongena kubhavu, ukuyogeza kancane. Futhi endleleni yami phakathi lapho, nakho kumi iNgelosi yeNkosi, yathi, “Bengicabanga ukuthi Ngikutshela ukuthi uye e-Afrika kuqala na?”

⁹³ Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, angifanele ukuba yinceku yaKho.” Ngathi, “Uma Uthanda, phakamisa uMoya waKho futhi uWunike omunye.”

⁹⁴ Khona-ke, hhayi nje kuze kube yizinsuku ezimbalwa ezedlule, ngenkathi ngenza amalungiselelo nge-Afrika kulonyaka, sebengalapho bayawenza manje. Futhi izolo ebusuku, bengifunda embonweni, futhi uNkulunkulu wayazi ukuthi ngizokwehlula lokho. Futhi embonweni... angikaze ngikubone kwaze kwaba yizolo ebusuku. Futhi ngibize uMfowethu Sothmann, uLeo, nabo bonke, nxazonke. Umbono wawuthi, “Uzoya eNdiya kuqala, bese ubuyela e-Afrika.”

⁹⁵ Niyabo, ngi—ngikubhale, mina uqobo. Ngabhala into, mina uqobo. Ngaxuma embhedeni engangihlezi kuwo, kusesekuseni ngokunye ukusa, futhi ngiMbone engena ekamelweni. Futhi ngabhala phansi impela nje Elakusho, njengoba Yena—Yena wayengitshela lapho. Ngase ngiyifundisisa, izikhathi eziningi, ningi, ningi, futhi angizange ngiyinake. Futhi izolo ebusuku ngenkathi ngibiza abafana, nakho-ke, khona ngqo ephapheni

elingabhalwe lutho leBhayibheli lami, lapho abaningi, abantu abaningi abalifundile.

⁹⁶ Lathi, “Nakho kufika abantu abagqoke ingxenywe, futhi—futhi ngabashumayeza, futhi babejabula. Kwase kubaneka ukuKhanya, kamuva, futhi kwabonisa okumhlophe nokumnyama ndawonye, e-Afrika.” Angikaze ngikubone, ngikubuka ngqo. Amehlo ethu evulekile.

⁹⁷ Nkulunkulu, vula amehlo ami, ukuze ngibone. Ake ngibuke ngale kwamakhethini esikhathi, Nkosi. Ake ngibone nje, Nkosi, okungizungezile. Ake ngibone ukuthi yini elungiselela ukwenzeka.

⁹⁸ Uma ngicabanga ngabantu abaphuphuthekiswe kulo mhlaba, ababonayo, kodwa nokho abaqondi; ubone uNkulunkulu engena emhlanganweni futhi enze zona impela izinto Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Nibona uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo yenza futhi iziphathe futhi yenze njengoba nje Yenza ngenkathi Yayilapha emhlabeni, futhi namanje abaqondi. Ukuthi kungaba kanjani na? Ngoba amehlo abo awavulekile.

⁹⁹ Lizovulwa, ngolunye lwalezi zinsuku, mngane wami, kodwa kuyobe sekwephuze kakhulu ngalesosikhathi. Isikhathi siyobe sesihambile. Futhi uyomangala, ubuye, “Uqonde ukungitshela, *lokhu*, ukuthi u*S'bani-bani* nento *enjalo* kwakuyi *lokhu*, futhi bengingakwazi na?” Kubeqa ekhanda labo. AbaMbambi. Niyakubamba lokho engikushoyo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kuyabeqa. Kunjalo... Futhi ubheke okuthize okukhulu okuzokwenzeka esikhathini esizayo, lapho kukhona khona manje, futhi wena wehluleka ukukubona.

¹⁰⁰ Nkulunkulu, ngena enhliziyweni yami futhi uvule iminyango yamehlo ami, ukuze ngibone.

¹⁰¹ Ukuthi uKleyophase nomngane wakhe bahambisana kanjani endleleni ngolunye usuku, bevela e-Emawuse, noma beya e-Emawuse. Futhi endleleni ezansi lapho, Wakhuluma nabo, Wahamba nabo. Wadla nabo, futhi amehlo abo okuqonda avalwa. Lapho Engena ngaphakathi, futhi bonke bathula, Wenza into encane abayiqonda, ukuthi akekho owayengayenza ngaphandle kwaKhe. Lokho kungemuva kokuvuka kwaKhe. Futhi ngokushesha, iBhayibheli lathi, “Ameblo abo avuleka.” Wawavula amehlo abo, futhi babuyela emuva behla ngomgwaqo, bethokoza, futhi bethi, “Impela iNkosi ivukile, ngokuba Ibenathi usuku lonke.” Ameblo abo avuleka. Babenokuqonda.

¹⁰² UJesu wethu angangena ngqo phakathi kwabantu bese enza zona kanye lezo zenzo ezifanayo, futhi kwenzekani na? Abantu bazohamba futhi bathi, “Ukufunda ingqondo. O, angahle abe okhonza imimoya yabangasekho noma umbhuli, into eyenzeka ngaleyondlela.”

¹⁰³ O, uma uNkulunkulu engavula amehlo ethu futhi asivumele sibone ukuthi lezi zinto ziyini! Lowomnyango weso usenhliziyweni. Akukhona lokho okubona ngeso lakho. Lokho akusikhona ukubona; lokho ngukubheka. UJesu wathi kuNikodemu, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone uMbuso kaNkulunkulu.” AwuWuboni ngamehlo akho; uWubona ngokuqonda kwakho. Ubheka ngamehlo akho, futhi uqonde ngenhliziyoy yakho. Ngakho-e umnyango wamehlo akho usenhliziyweni yakho, ngoba ungumnyango wokuqonda.

¹⁰⁴ “O, ngiyaqonda ukuthi uJesu wathi Uyokwenza lokho ngezinsuku zokugcina. Ngiyaqonda ukuthi lezi zinto ziyisibonakaliso sikaNkulunkulu.” Khona-ke kwehluke kanjani, ukuthi kuba ngokoqobo kanjani kuwe, ukuthi izinto zishintsha kanjani, uma amehlo ethu evulekile. Unawe ngaso sonke isikhathi. Uyakusiza. Umi emnyango wakho, nsuku zonke, kodwa awukuqondi.

¹⁰⁵ Ngezwa umfundisi esho okuthize, esikhathini esingaside esedlule, okwangishaya. Kwakusezansi eningizimu, kwakukhona ikhehla ezansi lapho, indoda eyikhaladi, eyi... yayingumfo omdala olungileyo, kodwa abakwazanga ukumfaka emqeni noNkulunkulu. Wayengeke nje aye esontweni, futhi nokho wayengumfo omdala olungileyo. Futhi abakwazanga ukumyisa esontweni.

¹⁰⁶ Ngakho-ke, ngolunye usuku, yena nomfundisi bahamba bayozingela. Futhi wayegeja kakhulu. Wayengenakushaya lutho. Ngakho-ke ngalolo suku, endleleni ebuyela ekhaya, babedubule inyamazane eningi kakhulu baze bagcwala inyamazane nje. Futhi igama lekhehla lekhaladi kwaku—kwakunguGabriyeli. Futhi wambiza ngoGabe, ngamafuphi. Ngakho-e wayesindwa, nenyamazane ilenga phezu kwakhe wonke; wayengakwazi nje nokunyakaza. Wayehamba emva komfundisi. Ngemva kwesikhashana wamshaya ehlobo, wayesethi, “Mfundisi?”

Wathi, “Yebo, Gabe, ufunani na?”

¹⁰⁷ Wathi, “NgeSonto ekuseni, ngizithola ngisebhentshini labalilayo. Ngithatha isikhundla sami ebandleni, ukuze ngiphile zonke izinsuku zami lapho.”

¹⁰⁸ Umfundisi wathi, “Kuhle, Gabe. Kodwa yini ebangele ushintsho olungazelele na? Ngani, lapho sikhulume nawe, futhi abantu abamesabayo uNkulunkulu, abangcwele bakhuleke nawe futhi bakuncenga, futhi usuyijikisile inhliziyoy yakho na?”

¹⁰⁹ Wathi, “Mphathi, uyazi, ngiyazi ukuthi ngiyageja. Angikwazanga ukushaya lutho.” Wayesethi, “Buka inyamazane engiyitholile. Ufanele angithande, kungenjalo ubengeke Anginike yona.” Nakho lapho okhona. Kwakuyini na? Amehlo akhe avele avuleka. Waqonda ukuthi Ubani owamnika leyo nyamazane, lapho ivela khona.

110 “Inkabi iyasazi isitebele sayo. Umnyuzi uyawazi umkhombe womnikaziyo, kepha abantu baMi abazi,” kwasho iNkosi. Impela, abazi ukuthi lezi zinto ezinhle zivelaphi. Uma nje amehlo akho abevulekile, futhi ubungabona.

111 Esikhathini esedlule, indoda yayisendleleni yayo eya ngasolwandle. Yayiya ngaleya ukuyophumula. Yayifuna ukuzishayelwa ngumoya, ngoba yayithanda... Yayicabanga ukuthi ingathanda ukuzwa uhlobo lwenyoni yasolwandle lapho indiza phezu kwamanzi futhi yeqa ngaphansi ngasemazeni amhlophe amagagasi amakhulu, lapho ebhonga futhi eqhuma emoyeni. Futhi yayifuna ukuhogela amanzi anosawoti. Wathi, “Kuzoba ukuphumula okukhulu, ukuhlala ngasogwini lolwandle, isikhashana. Ngifuna nje ukuphumula. Ngifuna ukuhlala ngasogwini lolwandle, ukubona zonke izinto ulwandle olungazinikeza; izibhakabhaka eziluhlaza, njengoba sibonisa ukusuka esibhakabhakeni kuya emanzini. Ukuthi igwebu lamanzi anosawoti liyobila kanjani emagagasini amakhulu, lishaye futhi ligoqe!” Futhi wathi, “Uma ngingama futhi ngikubuke lokho, futhi ngizwe ukukhala kohlobo lwezinyoni zasolwandle!”

112 Futhi endleleni yayo eyehlela ogwini lolwandle, yahlangana nendoda iza, futhi yayiwusawoti omdala, itilos elidala elisuka olwandle. Yathi, “Uyaphi na?”

113 Wathi, “Ngehlela ogwini lolwandle, ukuze ngijabulele ubuhle bolwandle.”

114 Nosawoti omdala wathi, “Angiboni lutho oluxakile ngakho. Amanzi angamanzi nje. Isibhakabhaka siyisibhakabhaka nje. Inyoni yasolwandle ingenye nje inyoni.” Niyabo, wayesekubonile kakhulu, kwaze kwaba yinto evamile kuye. Kwakungajabulisi, kuye.

115 Futhi yileyo indaba ngani bantu. Nibubonile ubuhle, nezimangaliso, nezinto zobuNkulunkulu zikaNkulunkulu, zihamba futhi zisebenza, kuze kube yinto evamile kini. Anisakuboni nhlobo.

116 Emihlanganweni, ngibaqaphelile abantu, lapho iNkosi, phansi kokwahlukanisa kwaYo umoya, iyokhuluma khona ngqo ezethamelini, njengoba Yenza nje ngenkathi Ihamba eGalile, nesithembiso saYo nje ukuthi Yathi Iyosenza. Futhi abantu, okokuqala ngqa, bathi, “O, wake... O, lokho kufanele kube yiNkosi.” Ngokulandelayo, “Kuzofanele kufike.” Futhi emva kwesikhashana, “Awu, kungenye nje into.” Kuvamile. Sekudlulile. Awukunaki. Amehlo akho okuqonda, inhliziyi yakho, kuyavaleka kukho.

117 Ukuxhuxhuma, isibusiso sokwazi iNkosi uJesu evukileyo imi phakathi kwethu, kufanele kuthumele wonke umphefumulo phezulu ngaphezu kwanoma yini kulomhlaba ongaxhuxhuma. Kufanele kwenze okuthile kuwe. Kufanele kunyakazise

ukukholwa kwakho uze uvule wonke umnyango wokukholwa, nakho konke okunye, uthi, “Nkosi Jesu, ngithathe ngokugcwele manje. Ngifake ekunakekeleni kwaKho. Lapha, ngena enhliziyweni yami. Susa ubugovu bami. Susa ukungaqondi ngokuyikho kwami. Susa ukungabaza kwami. Vula amehlo ami, Nkosi, futhi ungenze ngibone. Futhi uthathe konke okwami, futhi ube yiNkosi yami.” Ibandla lize lenze lokho, sihamba ngobumpumputhe. UJesu ungqongqotheni emnyango, futhi siMshiya ngaphandle. [UMfowethu Branham ungqongqotheni kane epulpiti—Umhl.]

Asikhuleke umzuzwana nje, sisakhothamisa amakhanda ethu.

¹¹⁸ Ngenkathi amakhanda ethu ekhotheme buthule, ubuso bethu bubheke othulini lapho esithathwe khona. Futhi ngolunye usuku lenyama efayo kuyodingeka ukuba... imiphumela iyobuyela othulini. Uma kungenzeka kube nomuntu onjalo lapha kulokhukusa, ongakaze avule inhliziyoyabo, ngalendlela, eNkosini uJesu, ukuthi bebeyophakamisa izandla zakho kuYe manje, futhi uthi, “Jesu, yiba nomusa kimi”? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Omunye umuntu. UNkulunkulu akubusise, mfo osemncane. “Ngivula inhliziyoyami ngalesi sikhathi.”

¹¹⁹ Uthi, “Nkosi Jesu, ngithathe, wonke, ukuthatha ngokugcwele. Yiba yiNkosi yami.” UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Ta... “Yiba iNkosi yami.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. “Yiba yiNkosi yami; iNkosi yokuzidla kwami, iNkosi yokukholwa kwami, iNkosi yamehlo ami, iNkosi yokubona kwami, iNkosi yokuzwa kwami, iNkosi yokuhaha kwami.” Eziningi zalezi zinto bengingakhuluma ngazo, kodwa isikhathi besingekuvumele. “Yiba yiNkosi phezu kwakho konke.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Nje... UNkulunkulu akubusise, mfowethu. “Ngithathe, Nkosi.” UNkulunkulu akubusise, mfowethu. “Ngithathe njengoba nginjalo, Nkosi.” UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho. Kunjalo. “Ngithathe njengoba nginjalo, futhi ulawule ngokugcwele, Nkosi. MangingaKuholi. Wena hola mina.” Umfo ubethi... UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

¹²⁰ Umfo wathi waphuma edlelweni wase ebamba iponi, lapha ngolunye usuku. Wafaka intambo entanyeni yeponi, wabe eselihintshela ingxenye phezu kwempumulo yobuso balo, futhi wayesehola iponi elibuyisela esibayeni. Ngaphambi kokuba afike lapho, iponi lalihola yena.

¹²¹ Yilokho okuyikho. UNkulunkulu uyasibamba, futhi sizama ukuMhola. Makube nguYe oholayo. Yena uyayazi indlela. Uwuhambile umgwaqo. Wawakha umgwaqo. Asiwazi umgwaqo,

pho kungani sizama ukuzindla ngalezi zinto na? Masizithobe kuYe, sithi, “Nkosi, Wena ngihole. Ngizolandela.”

¹²² Mhlawumbe uke waba ngumKristu. Mhlawumbe uKristu uye wangena enhliziyweni yakho, kodwa awukaze ukhulule ukukholwa kwakho, kuYe. Thani, “Nkosi, ngena. Khipha konke ukungabaza enhliziyweni yami. Uma iZwi laKho lisho lokho, ngiyaLikholwa. Ngakho-ke, kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngithatha Wena njengoba ngi. . . Ngifuna Unginike lokho umfowethu asanda kukusho, njengocezu lwamasenti angamashumi amabili nanhlanu olofu wesinkwa. Futhi emkhulekweni kulokhukusa, wabagulayo, ngizokwemukela Wena. Ngikholwa ukuthi Uzokwenza. Futhi ngihamba ngiqhubeke, ngithokoza, akunandaba ukuthi kwenzeka nini. Kuzokwenzeka.” Ungathanda ukuvula umnyango wakho wokukholwa, enhliziyweni yakho, kuYe namuhla na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ubungakwenza, khona-ke phakamisa izandla zakho, bese uthi, “Nkosi, nangu mina.” UNkulunkulu akubusise. Iningi liphakamise izandla zalo.

Wena Wundlu laseKalvari,
 Msindisi waPhezulu;
 Manje ngizwe ngisakhuleka,
 Futhi ususe zonke izono zami, (ukungakholwa
 kwami)
 O makuthi mina kusukela namuhla
 Ngibe ngowaKho wonke!

¹²³ Nkosi Jesu, Wena uyazibona izandla zalababantu. Wena uyazazi izinhliziyi zabo. Wena umi lapho. NguWe lowo ongqongqothayo. Kwangathi bangabheki imfihlakalo yenganekwane ethile. Kodwa kwangathi bangabuka ngqo ebusweni beNdodana kaNkulunkulu ebethelwe. Kwangathi bangaba nokuqonda kulokhukusa, njengokungakaze ngaphambilini. Siphe, Nkosi.

¹²⁴ Sibe nobunzima. USathane ulwe nathi ngayo yonke indlela. Ngisho nakulomhlango kulokhukusa, bekungekho ngisho namunye lapha ukunikezela amakhadi omkhuleko, ukuze bakleliswe, okwabantu bangaphandle kwedolobha; ukuze Wena ukwazi ukukhombisa ukuchichima okwedlulele koBukhona baKho, ngokwesiphiwo sobuNkulunkulu, kanye nentando ngamandla aKho uQobo amakhulu. Kepha Wena unguNkulunkulu owengamele zonke izinto. Wena ubusa ubunzima nezimo.

¹²⁵ Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, namhlanje, ukuthi Uzobamba inhliziyi yawo wonke umuntu, uthole ukungena kuwo wonke amagumbi namagunjana. Kwangathi bangashwiba bavule izinhliziyi zabo manje nje, nabo bonke labo abaphakamise izandla zabo, zokuba nobugovu, noma ukunganaki, noma izinto ezingafani naWe obungathanda

ukuba yikho. Kuyakhombisa empilweni yabo, ukuthi Awuhlali kulelogunjana. Kwangathi ingavulwa manje nje. Futhi, Nkosi Jesu, ngena futhi wenze indawo yaKho yokuhlala kanye nabo.

¹²⁶ Bese kuthi-ke, Nkosi, sizokhulekela futhi laba abagulayo nabahluphekileyo, ukuthi lelihora, ukuthi kufanele kwenziwe okuthile, okungashaqisa kakhulu lababantu ekuqondeni kokuqonda koBukhona bukaJesu Kristu, ukuthi izinhliziyi zabo zingahle zivulwe. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

¹²⁷ Bekukhishwa, emsakazweni, nangomlomo, etabernakele, ukuthi namhlanje sizokhipha amakhadi omkhuleko. Futhi isizathu sokuba sinikeze amakhadi omkhuleko, etabernakele, ngukuthola abantu abangaphandle kwedolobha. Niyabo? Ukuthi, abantu abalapha edolobheni, sinomkhuleko wabo nsuku zonke, noma izikhathi lapha etabernakele. Kodwa ukuthola abantu... Amandla okuhlukanisa umoya akuKristu yedwa. Futhi noma ubani uyakwazi lokho. Lokho kukuNkulunkulu kuphela. Futhi e... .

¹²⁸ Ngenkathi uKristu esemhlabeni esemzimbeni ophathekayo, umzimba wenyama, njengoba simi namhlanje, Wahamba eGalile nasezindaweni ezehlukene. Lapho Akazishongo ukuthi unamandla okwelapha abagulayo noma ukwenza izimangaliso. Wathi, “Ngingenze lutho ngokwaMi. Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni.” Noma ubani uyawazi umBhalo, kuJohane oNgewele 5, uyazi ukuthi yiqiniso lelo. Akazange enze zimangaliso uBaba aze aMbonise. Wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile Ngithi kini, iNdodana,” qobo lwaYo, itabernakele uNkulunkulu ayehlala kulo, umzimba waKhe, “iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana yenza kanjalo.”

¹²⁹ Futhi niyaqaphela lapho Efika ezweni laKubo uQobo, umuzi waKubo uQobo, kwenzekani na? Akakwazanga ukukwenza. Wabeka izandla zaKhe phezu kwabanye abahlobo abagulayo. Waphenduka wayesethi, “Ngiqinisile, Ngithi kini, ukuthi umprofethi, ezweni lakubo uqobo, phakathi kwabakubo uqobo... .” Niyazi ukuthi kwashiwo kanjani, lokho.

¹³⁰ Kodwa Ube nomusa kakhulu kithi, ukusivumela ukuba sibe nemihlangano embalwa yalolohlobo. Kunjalo. Yini okufanele yenziwe na? Ukuvumela lelidolobha, lababantu, nalabo abazungezile, abangakaze baphume, komunye umhlangano, ukwazi ukuthi UnguNkulunkulu ophilayo. Wathi, “Lezi zinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza. Nizokwenza lemisebenzi efanao.” Wathi, “Kuseyisikhashana nezwe ngeke lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Kunjalo. “Nezinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza, kuze kube sekupheleni kwezwe.”

¹³¹ Ngikholwa ukuthi siphila ezinsukwini zokuvala zesimiselo sesikhathi sabeZizwe. Yonke into iphelele nje ngohlelo, khona manje, okwesikhathi sokuphela. Kodwa ukuya eKhaya kweBandla, yilokho uKristu akulindele. “Njengoba Wayenjalo emihleni kaNowa, ebekezela, engathandi ukuba kubhubhe namunye.” Uyinto efanayo namuhla. Hhayi... Uyabekezela manje, engathandi ukuba kubhubhe namunye. Izibonakaliso nezimanga ezinkulu sekwedlule.

¹³² Abantu bathi, “Awu, sibheke unyaka omkhulu ozayo.” Mngane wami, unyaka usuthi awuhambe. Abezizwe sebephelele. Sekusesikhathini sokuphela. Ngakho-ke manje yisikhathi sokuba, sokwamukela uKristu futhi silungele. Manje lalala, mngane, angazi... .

¹³³ Manje, alikho ikhadi lomkhuleko endlini. Alikho nelilodwa. UBilly ubelapha esikhashaneni esedlule, noma ndawondawo. Ubenamakhadi angaba yikhulu abezowakhipha, kodwa abantu abafikanga lapha ukuba abanike wona. Bekumele baqale inkonzo, ukuze singakuphazamisi lokho. Ngakho-ke ngithe, “Ngizovele ngibize abantu futhi ngibakhulekele.”

¹³⁴ Kodwa ngizwa ukuthi uBukhona bukaKristu bulapha. Ngizwa sengathi ngiwulungiselele, naloMlayezo, ngisho, okwebandla kulokhukusa, ngaleyonhloso. Futhi ngandlela thize isitha sisihaqile ngandlela thize, kodwa ngikholwa ukuthi uKristu uyakwazi ukweqa isitha uma izinhliziyozethu zikahle naYe. Futhi abaningi benu bantu ophakamise izandla zenu, kusobala, kothi lapho lenkonzo isiphelele, lapho ukubizela e-altare sekwenziwe, ngifuna nize lapha futhi nibonge uNkulunkulu ngalokho Anenzele khona.

Uma wamukela ukukholwa, kuyini ukukholwa na?

¹³⁵ Besingabumba umugqa womkhuleko lapha, futhi silethe sidlulise abantu, ingxenye yedazini noma ngaphezulu. Lokho kuhlukanisa umoya kunamandla kakhulu, futhi Ku—Kuzofika lapha emsamo, futhi ungaqaphela. Ngineminyaka engamashumi amane nesishiyagalombili; imibono ibilokhu ibonakala kusukela cishe ngibe neminyaka emibili ubudala, futhi akukho nesisodwa isikhathi lapho omunye wayo wehluleka. Ngisho nezinto, lapho ngangizokusho, ngangingazi ukuthi kwakungake kuze kube kanjani—kanjani. Kodwa kusebenza nje ngaleyondlela nje, khona-ke nguNkulunkulu. Niyabo? Kufanele kube nguNkulunkulu. Manje-ke uma uNkulunkulu ekhona, ukugcwalisa iZwi laKhe, ukufakazisa ukuthi Yena... . “Lezi zinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza.” Bese-ke Efakazisa ukuthi kunjalo. Khona-ke, Nkulunkulu, vula amehlo ethu. Uma besingabona lokho kufezeka, khona-ke sonke isithembiso siyiqiniso.

¹³⁶ Ngenkathi Esemhlabeni... Umzuzwana nje. Ngenkathi Esemhlabeni, Wathini na? Nakhu Akusho. Wathi, “Bhubhisa

loMzimba, Ngizowuvusa ngezinsuku ezintathu.” Wakwazi kanjani ukwenza lokho na? Ngoba uDavide umprofethi wathi, “Angiyikuvuma oNgcwele waMi ukuba abone ukubola, futhi angiyikuvuma . . . shiya umphefumulo waKhe esihogweni.” Wayazi ukuthi WayenguMesiya ogcotshiwe. Wayazi ukuthi leso kwakuyisikhundla saKhe. Futhi ngokwazi ukuthi leso kwakuyisikhundla saKhe . . . Manje qaphelani. Azi ukuthi leso kwakuyisikhundla saKhe, khona-ke Wakwazi ukunikeza lesosithembende, ngoba lesosithembiso sasisebana kuYe. Wathi, “Futhi imiBhalo ayinakwepfulwa.” Uma ukuqonda kwakho kuvuleka! “ImiBhalo ayinakwepfulwa.” Lesosithembiso sasiqondene naYe, futhi Wayazi ukuthi sasifanele sifezeke.

¹³⁷ Khona-ke lalalani, bangane. Wonke umBhalo oqondene nani, sonke isithembiso esiqondene nani, singesakho, njengoba nje leso sasingsaKhe. Impela, kunjalo.

¹³⁸ Yingakho ngimi kulokhukusa. Ngi, uma iNkosi ivuma, ngizoYicela ukuba yenze okuthize, futhi phakathi lapha lapho kulukhuni khona kakhulu, kanjalonjalo. Ngokwami . . . Hhayi ngoba anikholelwa kimi, kodwa yingenxa yokuthi iZwi laKhe lathi lokhu kuyoba njalo. Niyabo? IZwi laYo lathi kuyoba njalo. NgizoYicela ukuba ilawule isimo sekhadi lomkhuleko. Niyabo? NgizoYicela uma Izokwenza. Niyabo? Angi . . .

¹³⁹ Manje khumbulani, ake ngiqophe, nalemishini yamateyipu lapha ehambayo, eminingana yayo egumbini lapho. Angisho ukuthi Izokwenza. Niyabo? Angisho. NgizoYicela yenze. Futhi uma Ithanda, sizobonga. Kuthiwani uma iNkosi . . . Bangaki . . .

¹⁴⁰ Akekho laphaya onekhadi lomkhuleko. Bangaki abantu abagulayo phandle lapho, ogulayo, phakamisani izandla zenu, noma—noma abaye ba . . . nifuna okuthize okuvela eNkosini na? Phakamisani izandla zenu, noma ngabe ukuphi. Manje sengiyabubona ubuso benu, ngakho-ke sengingathi ukukutshela nje ukuthi ungubani. Ngakho-ke, a—angi . . . ngingasho . . .

¹⁴¹ Futhi uma kungomunye wabahlobo basetabernakele, angibafuni labobahlobo. Ngifuna iNkosi ingikhombise umuntu okude netabernakele; othile ophuma ngaphandle kwedolobha. Isizathu, uma othile ongowasetabernakele . . . Yingakho sinikezela ngamakhadi, ukuthola abantu ongekho etabernakele. Ukuze . . .

¹⁴² Abantu bathi, “Awu, yena uyamazi lowomuntu. Kufika kanjalo-ke lokho kuhlukanisa umoya.”

¹⁴³ Kufika kanjani e-Italy, eJalimane, eSwitzerland, e-Afrika, nakuzo zonke izindawo, emhlabeni jikelele na? Kuhlala kanjani lapha futhi kusho izinto ezizokwenzeka eminyakeni emithathu noma emine, emine noma emihlanu, futhi kukushaye ngokuphelele echashazini na? KunguKristu.

¹⁴⁴ KwaKungubani, owahola abantwana bakwa-Israyeli ehlane na? UKristu. Wayeyini ngaleyonkathi na? Ngifuna ukukubuza

okuthize. Cabanga nje ngalokhu umzuzu. Wayeyini na? INSika yoMlilo. INSika yoMlilo. Futhi ngenkathi Efika emhlabeni, Wathi WayeyileyoNsika yoMlilo. Yena . . .

Bathi, “Okhokho bethu badla imana ehlane.”

Wathi, “Mina ngiyiSinkwa sokuPhila.”

Bathi, “Obaba bethu baphuza eDwaleni likamoya.”

Wathi, “NgiyiDwala.”

“Ngani,” bathi, “uMose waMbona esihlahleni esivuthayo.”

145 Wathi, “Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA.” U “NGIKHONA” wayesesihlahleni.

146 Wathi, “Manje, Ngavela kuNkulunkulu, iNsika yoMlilo.” UNkulunkulu ungukuKhanya, siyakwazi lokho. Yena, uNkulunkulu, uhlala kuMoya, hhayi enyameni. Futhi kuleNsika yokuKhanya, uJesu wathi, “Ngavela kuLeyo, futhi ngibuyela kuLeyo.” Manje, lokho kungahle kuphume esayenseni yakho yezenkolo, kodwa kuseBhayibhelini. UJesu wakusho.

147 Futhi ngenkathi Efa, wembelwa, wavuka futhi, futhi ngenkathi uPawulu oNgcwele wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku, ukuyobopha abantu, uJesu wabonakala kuye, futhi kuleyoNsika yoMlilo, futhi wamshaya wamlahla phansi. Manje, kungenzeka, omunye angaYibona nabanye bangeYibone. Lawomadoda ayenoPawulu awaYibonanga. Aathi, “Sizwile umsindo, kodwa asibonanga kuKhanya.” Kodwa ukuKhanya kwakukhanya kakhulu, kuPawulu, kwaze Kwakhipha amehlo akhe, futhi waba yimpumpethe izinsuku ezithile. INSika yoMlilo!

148 Ufika ku—Uza kuPetru, etilongweni, njengeNsika yoMlilo.

Futhi nangu la Ekhona namhlanje!

149 Futhi uma umoya ka—kadeveli ukuwe, uzokwenza imisebenzi kadeveli. Uma ungumgulukudu, umoya, uma umoya kaJohn Dillinger ubukuwe, wawuyophatha izibhamu futhi ubulale abantu. Uma umoya wanoma yini wawukuwe, uzoyenza iziphathise okomuntu.

150 UMoya kaKristu ukuwe, Uzoziphathisa okukaKristu. Uzokwenza imisebenzi kaKristu. “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Nakho la ukhona.

Futhi manje lokhu ngibekela inkazimulo kaNkulunkulu.

151 Futhi sengizoba ikhehla, futhi ngiyazi izinsuku zami zingahle zingabi zinde kakhulu emhlabeni. Angazi. Lokho angikwazi ukukusho. Ngethemba ukuthi ngiphile ngize ngibone ukuFika kweNkosi. Angazi ukuthi ngizokwenza. Kodwa, angazi ukuthi ngiyoke ngishumayele enye intshumayelo. Kodwa ngi . . . Ngeke sakusho lokho. Lokho kulele ezandleni zikaNkulunkulu. Angazi.

¹⁵² Kodwa nansi into eyodwa. Ngi...Uma sizoMcela ukuba angene phakathi kulokhukusa, futhi uzokwenza okuthize, ubufakazi obungenaphutha bakho, ukuthi Usenguye uKristu ovusiwe, futhi enze into efanayo naYenza ngenkathi Ehamba ogwini lwaseGalile, Ngiyazibuza ukuthi bangaki abebengathi, “Ngiyolahlekelwa indawo yami emugqeni womkhuleko, ngisho noma ngabe Ayingibizanga. Ngiyolahlekelwa indawo yami. Futhi ngikholwa ukuthi enhliziyweni yami bekungaxilisa okwehange ukukholwa okungavele kungibambe kungiqinise kuKristu, futhi ngizosuka kulesi sakhiwo kulokhukusa na”? Uma Ezongena kulemizimba yabantu lapha kulokhukusa, futhi anikeze othile laphaya ukukholwa okwanele, njengoba kwenza owesifazane owathinta ingubo yaKhe!

Futhi Waqalaza, wathi, “Ukhona oNgithintileyo.”

Futhi bathi, “Awu, wonke umuntu uyaKuthinta.”

¹⁵³ Wathi, “Kodwa ngizwe ngiba buthakathaka.” Futhi Wabheka phezu kwendawo waze Wathola owesifazane, futhi Wathi, wamtshela ukuthi wayekade enani, nokuthi yayiyini inkathazo yakhe, wayesethi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

¹⁵⁴ Lowo kwakunguJesu. Ngitshele noma ubani owake waphila emhlabeni, owake wakwenza, ngaphandle kwaKhe. Ngibonise umlando lapho kwake kwenziwa khona. Nginencwadi kaFoxye ye *The Martyrs*. Ngine *Early Writing* kaJosephus. Ngine *Early Ages* kaPember-man. Ngine *Two Babylons* ka-Hislop. Akukaze kube khona noma yini eyenzeka njengakho kuze kube yilolu suku, kunjalo, ngoba sisesikhathi sokuphela. Sisesikhathini somgamanxo. NabeZizwe bayaqeda, akukude size sibe amalahle nomlotha.

¹⁵⁵ UyaMamukela. Uma Ezokwenza, angisho ukuthi Uzokwenza, uma Engakwenzi, sizobiza umugqa womkhuleko, uma Ekwenza, ungasho ukuthi, “Futhi ngiyazi ukuthi lowo muntu uxakile impela, futhi uNkulunkulu uyakwenza lokho, ngizokholwa ukuthi iNkosi uJesu ikhona, futhi Izothatha udaba lwami ezandleni zaYo, ngizolubeka lapho, futhi ngizokwamukela, njengamasenti angamashumi amabili nanhlanu, ngizosuka lapha ngibonga uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwami”? Ubungakwenza na? Phakamisani izandla zenu, futhi nibone. Bangaki phakathi lapha abazothi uzokwenza na? Vele uphakamise izandla zakho, yonke indawo. Kuhle kakhulu lokho. O, he!

¹⁵⁶ Manje zibeke esimweni. Donsa leyo nhliziyi ivuleke. Uthi, “Jesu, uma Wake wasebenza enhliziyweni yami, kwenze manje. Khipha konke ukungakholwa. Mangivuke lapha, ngizithintithe. Ngabe kuyiqiniso ukuthi ngeqe okuthile, yonke leminyaka, futhi ngikugejile na? Ngabe ngike ngavalelwa na? O, yebo, ngiyazi ukuthi Wena unami. Kodwa ngike ngaKungenisa,

yonke indawo, ukuze ngibone Wena na?” Uma ningaMbona kulokhukusa, ukukholwa kuzogxilisa okwehange, nezifo zizohamba. Nizosinda. Kukholwe manje. He! Ngethemba ukuthi uzokukholwa. Nkulunkulu, siphe khona, ngumkhuleko wami.

¹⁵⁷ Manje, ngaphambi kokuba senze, asikhuleke. [UMfowethu Branham uguqa e-altare ukuze akhuleke—Umhl.]

¹⁵⁸ O Nkosi, lolu wusuku olubi kabi esiphila kulo. Ngiyaqonda ukuthi yonke into engenzeka, kuzofanele kube nguWe okuvumelayo ukuba kwenziwe, Nkosi. Baningi lapha, idazini noma amabili, okungenzeka ukuthi basesimweni esibucayi, othile ongeke alulame, uma kungengenxa yaKho. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzosipha lesisibusiso.

¹⁵⁹ Futhi, Baba, siyazi ukuthi yinye kuphela indlela yokwamukela ukukholwa. IBhayibheli liyasho, ukuthi, “Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” IZwi likaNkulunkulu lithi, “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.” IZwi likaNkulunkulu lithi, “Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza.” IZwi likaNkulunkulu lathi, “Konke kuyenzeka kwabakholwayo.” Futhi, iNkosi uNkulunkulu, sizama ukufaka ukukholwa ezinhliziyweni zabantu, ukuze kuvuleke iminyango yabo, ukuze babone, futhi bazi ubuhle bukaNkulunkulu, ukuvumela lezizinto ukuba zibe khona.

¹⁶⁰ Manje sihawukele, Nkosi. Njengoba ngiguqa lapha eceleni kwaleli-altare likajantshi, O Nkulunkulu onomusa, yiba nomusa kithi. Ngikhulekela wonke umuntu ophakathi lapha, Nkosi, abahlobo basetabernakele, abahlobo abangaphandle kwedolobha, kubo bonke. Wena wathi, “Umkhuleko wokukholwa uyakusindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa. Futhi uma bonile, bayakuthethelelwa khona.”

¹⁶¹ Futhi siyaqonda ukuthi abantu abemukela noma yini ngenye indlela ngaphandle kweZwi, akuhlali isikhathi eside kakhulu. Sicabanga ngabantwana bakwa-Israyeli, ukuthi bonke bakhubeka kanjani kokungaphezu kwemvelo, base-ke bewela ehlane.

¹⁶² Impela kunjalo, Nkosi, futhi njengoba abantu benokukholwa okuqinile eZwini laKho!

¹⁶³ Manje siphe, kulokhukusa, ukuthi uBukhona baKho obukhulu buzovumela lokhu esikucelayo, Nkosi. Ukuze abantu bazi futhi babone inkazimulo kaNkulunkulu. Futhi kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha manje, kwangathi into ethize enye, ukukholwa, kungehla ngemigudu kaMoya kaNkulunkulu, futhi kugcobe inhliziyoyabo khona manje, namehlo abo avuleke. Ukuthi, lapho beshiye lesisakhiwo, namuhla, ukuthi bazothi, “Inhliziyoyozethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na? Ngokuba, sibubonile uBuyena baKhe obuvukile. Siye sazibuza, kodwa manje sesiyaqonda.” Nkulunkulu, vula

gengelezi umnyango wabo manje, wokukholwa, futhi ungene. Futhi wembule kubo, futhi wazise izindlela zaKho nentando yakho.

¹⁶⁴ Ngisize, Nkosi. Ngiyisikhonzi esimpofu soMbuso waKho. Angifaneleki. Futhi ngicela intethelelo ezonweni zami uqobo, ukungabaza kwami uqobo, nokwesaba, neziphambeko, nokunganaki, nakho konke engikwenzile. Nkosi, ngithethelele. Futhi ngisize ngibe ngekhanyayo, inceku yaKho ekhaliphile, ukuze ngibabaze iGama laKho ngaphambi kwabazalwane bami. Ezintweni engingenawo amandla okuzenza, ngiphe amandla Nkosi. Hhayi ngenxa yodumo lwami, impela, Nkosi, yonke leminyaka Ungivivinyile. Ngikhulekela ukuthi ngithole umusa enhliziyweni yaKho kulokhukusa, ukuze ngizuze isikhathi esincane senhlanganyelo nokudla kanye naWe. Siphe khona, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzongisiza manje. Futhi unike abantu ukukholwa, ngokuba ngisukuma ukuba ngibuke, ukubona ukuthi Uzokwenzani. EGameni likaJesu. Amen.

¹⁶⁵ Manje, ningangabazi. Kholwani nje, ngokuba zonke izinto zingenzeka kwabakholwayo.

¹⁶⁶ Manje, iNkosi uJesu ayibophezelekile ukusenzela lokhu. NgizoMcela okungenani abantu abathathu engingabazi; abantu abathathu engingabazi, ukuze Yena akwembule kimi. Yini. . . ngifuna nonke nina onesidingo sanoma yini, ukuba akhuleke. Futhi lokho Akwembulayo, uma kuliqiniso, nizokwazi, noma ngabe iqiniso noma qha. Uma kungesilo iqiniso, khona-ke akusilo iqiniso. Uzokwazi lapho, wena ngokwakho. Kodwa uma kuliqiniso, khona-ke uyakusingatha futhi ukwemukele.

¹⁶⁷ Ubeyokwenzenjani ukuba Ubeme lapha kulokhukusa na? Ukuba-ke Ubeme lapha lapho ngimi khona, nomzimba wenyama njengoba ngimi khona na? Uma ubungathi, “Nkosi Jesu, ngidinga ukuphulukiswa,” ucabanga ukuthi Ubeyothini na? Ubeyothi, “Awu, Nga—Ngakwenzela lokho ngenkathi Ngikufela.” Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela. Sekuvele kuqediwe.

¹⁶⁸ Pho yini engakunika ukhoho olwengeziwe na? Ukuze uMfowethu Neville nami size sikhuleke, futhi sibeke izandla kini, sinigcobe ngamafutha na? IBhayibheli liyakusho lokho. Yenza lokho, lokho kule. Siyakukholwa lokho. Kwesinye isikhathi abagcobi ngisho ngamafutha. Ngezinye izikhathi bona bavele nje, banokwehlukana omoya, futhi bathole imimoya emibi futhi bayikhiphe. Ngezinye izikhathi lokho kwenziwa kanjalo. Futhi ngezinye izikhathi kwenziwa ngokuthi nje. . . Ngenkathi uJesu ehamba. . . Manje esiyikho. . . Yilokho Akunika abaphostoli. Yilokho abaphostoli abakwenzela. Futhi izikhathi eziningi bakwenza ngezindlela ezahlukene zonke.

¹⁶⁹ Manje yikuphi okungaba nomthelela kakhulu, njengoba sibe nemihlangano eminingi kakhulu lapha, engaba nomthelela

omkhulu manje na? Ukuvumela nje iNkosi uJesu ukuba yehle futhi izifakazise Yona ukuthi Ilapha, kulelozinga elingaphezu kwemvelo.

¹⁷⁰ Ngabe bakhona abantu esakhiweni lapha, o—owaziyo ukuthi angazi ukuthi yini engalungile ngawe, noma ukuthi ungubani na? Phakamisa izandla zakho, uma ekhona. Abantu esakhiweni, abaziyo ukuthi angikwazi, phakamisa isandla sakho nje. Yebo, mnumzane. Ngicabanga ukuthi ku—kukuyo yonke indawo. Kulungile.

¹⁷¹ Manje, iNkosi, kukuWe, Nkosi. Manje yilokho kuphela engingakwenza. Futhi, Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzosipha khona, ukuze lababantu bangahle, emizuzwini eyishumi elandelayo, abanengi bagobhozele e-altare, nezinhliziyi zabo zichichima, ukuze babone. Vula amehlo abo, Nkosi. Makuthi. . .

¹⁷² Vula amehlo abo njengalabo abaya e-Emawuse. Bahamba naWe usuku lonke futhi abazange bakwazi Wena. Kodwa ngenkathi Wenza into ethize ababeyazi ukuthi akekho omunye owayengayenza ngaphandle kwaKho, baqonda ukuthi kwakunguWe. Lokho kwakungemva kokuba Wawusufile, wembelwa, futhi wavuka futhi.

¹⁷³ Manje, Baba, siphe into efanayo namuhla, phakathi kwalababantu. NeBhayibheli lathi, “Abathathu bayoba ngofakazi.” Ngakho-ke ngiyakhuleka, Nkulunkulu, isiqinisekiso sizokwenziwa kulokhukusa, ebukhoni babantu, ngaphandle kokulethwa emsamo. Konke kusemseni waKho, makwenziwe, Nkosi, ngiyakhuleka, ngenxa kaJesu, naseGameni likaJesu. Amen.

¹⁷⁴ Ngiyazi ukuthi lesi yisikhathi esinzima kuwe. Kuthiwani ngami na? Kodwa engikushumayelayo, ngiyakholwa. Engikushumayelayo, ngiyakwenza; ngomusa kaNkulunkulu, ngiyakwenza. UNkulunkulu makabe nami, ukuba angisize, ukuze nazi ukuthi angizisho lezi zinto ngaphakathi kimina. Amehlo akho avuleke, bese uthi, “Awu, bengimazi uMfowethu Branham isikhathi eside. Ngikubonile lokhu. Kodwa ngiyanitshela, akunandaba ukuthi ungubani, angahle abe indodana kaCharles Branham, noma kanjalonjalo kanjalo, kodwa ngazi into eyodwa, uNkulunkulu wenza okuthize ngaye.” Bese-ke ubheka uNkulunkulu. Ungayibuki indoda. UNkulunkulu akafuni ukubonisa mina; Ufuna ukuzibonisa Yena uqobo. NguYe. Manje uma umbono uzovele uze!

¹⁷⁵ Naku. UDadewethu Snyder. . .Ngi—ngizama ukubheka kude kulokho, niyabo. Futhi, Nkulunkulu, yiba nomusa.

¹⁷⁶ Nansi indoda ehlezi khona lapha. Umbono uphezu kwayo, ibheke kimi ngqo. Ngicabanga ukuthi ngiyisihambi kuwe. Uzama ukususa umkhuba, awunjalo na? [Indoda ithi, “Ngizama ukususa umkhuba, mnumzane.”—Umhl.] Ukuhlukana

nokubhema osikilidi, yilokho ozama ukukwenza. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Qhabo, ngiqonde insizwa ehlezi emuva *lapha*. Angikwazi. Siyizihambi, ngabe kunjalo, phakathi komunye nomunye na? Uma kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*. Ingabe yilokho kanye obukukhulekela ngaleso sikhathi na? Kulungile.

¹⁷⁷ Uyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yini eyenza lokho na? Uthinteni na? IBhayibheli lasho, ukuthi, “UngumPristi oMkhulu ongathintwa ukuzwela nobuthakathaka bethu.” Akakaze angithinte. Angikaze ngiyibone indoda. Kodwa ithinte uKristu, Olapha, noKristu usebenzise izindebe zami namehlo, ukuba akhulume.

¹⁷⁸ Uphakamise izandla zakho, nsizwa. Ngiyakubona ulokhu ubambe izandla zakho. Uyangikhoholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu na? Ungakwamukela lokhu engikutshele khona na? Uma ubunokukholwa futhi ukholwe! Ucabanga ukuthi uzosindiswa ngempela na? Intombi yakho, oyikhulekelayo, akunjalo na? [Indoda ithi, “Lelo yiqiniso.”—Umhl.] E-hhe. Ufuna iphulukiswe, nayo, awunjalo na? Uma lokho kunjalo, sukuma ngezinyawo zakho. Wena! Kunjalo, akunjalo na? [“Yebo, mnumzane.”] Manje yiba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi uzokwemukela. Ngiyisihambi kuwe, nsizwa. Angikaze ngikubone. Ingabe siyizihambi na? Phakamisa izandla zakho zombili, phezulu, uma siyizihambi. Angikaze ngikubone empilweni yami; awukaze ungibone. Manje ubani. . . Ungahlala phansi manje, futhi wamukele lokho okucelile. Ukukholwa kwakho kukunikeze khona.

Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹⁷⁹ Bekuyihlaya esikhashaneni esedlule, bekungesilo yini, dade na? Kodwa akulona ihlaya manje. Bengazi ukuthi iNkosi ibizokwenza lokho, noma ngangicabanga ukuthi Izokwenza. UNkulunkulu akudlalwa ngaye. Ungowangempela. Uma ungakhoholwa!

¹⁸⁰ Nangu owesifazane ohlezi emuva ngqo ngalendlela. Ukhulekela umunye umuntu. Owesifazane unesimo sokwethuka. UyiKatolika, ngokukholwa. Kunjalo. Uhlala kuMeigs Avenue, akanjalo na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, nenekazi. Kulungile. Uyakholwa na? Khona-ke mukela okucelayo, uma ungakhoholwa.

¹⁸¹ Kuthiwani ngawe le emuva lapho na? Umuntu othile uthole i. . .Awu—awukude kakhulu emuva. UKristu wazi ncamashi lapho uhlezi khona. Ngikuphosela inselele, eGameni likaJesu, ukuba ukholwe manje. Ulapha. UMoya waKhe ulapha. AMandla Akhe alapha.

¹⁸² Nakhu kuhlezi indoda ihlezi le emuva lapho, ingibhekile manje. Ifake uthayi oluhlaza satshani, isudi empunga, kanjalo. Iyakhuleka futhi. Ifuna ukuphulukiswa uhlobo

oluthile lwenkathazo yesisu, izimo zesisu esiswini nasezibilini. Kunjalo. Wena ohlezi emuva lapho. Ake ngikutshele ukuthi ungubani. Ubukade ukudokotela izolo, futhi ukuhlolile. Kunjalo. Angikwazi, wena uyakwazi lokho, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Ukukholwa kwakho kukusindisile, mnumzane. Makabongwe uNkulunkulu ophilayo!

¹⁸³ Inenekazi elihlezi ngqo emva kwakhe, emgqeni olandelayo, cisha elesithathu, emuva phakathi lapho. Lapho, wena ukhulekela umamezala wakho, isimo sokukhubazeka. Uma uzokholwa, kulungile.

¹⁸⁴ Kukhona umfo omncane ohlezi lapho, ephakamisele isandla emlonyeni wakhe, engibuka, emuva le ngasemuva. Unesandla sakhe emlonyeni wakhe. Yena uyakhuleka. Kunomoya ofana nosizi ngakuye. Usula amehlo akhe. Angikwazi nje ukukuqonda, insizwa. Ikhulekela umuntu othize. Yisihlobo sayo lesa. Indoda ibisesikhungweni. Ngumfo osemusha. Ngumlamu, isimo sokwethuka, sesimo sengqondo. Kunjalo, mnumzane. Unokukholwa, futhi uNkulunkulu uzokulungisela khona.

¹⁸⁵ Ngikuphonsela inselele ukukholwa kwakho kuKristu. Niyamkholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngabe lokho kuthathu na? O, ku . . . Lokho kungaphezu kwalokho, akunjalo na? Manje niyakholwa na? [“Amen.”] Ngabe ukukholwa kwakho sekuxazululiwe na na? Ingabe inhliziyo yakho ivulekile na? Phakamisa izandla zakho, uma inhliziyo yakho isivulekile. Ingabe umnyango uvuliwe na? [“Amen.”]

Khona-ke asikhothamise amakhanda ethu.

¹⁸⁶ Nkosi, sondela manje, Jesu obusisiwe. O Nkulunkulu, ngiyabonga kuWe, Baba, ukuthi Usinike lezizibusiso. Ukuthi bona, abantu abakhona manje, bazokwazi ukuthi bekungesiyo inceku yaKho. BekunguNkulunkulu waseZulwini, Oye wasihlonipha kulokhukusa ngokuza phakathi kwethu, futhi wakuvumela okunjalo ukuba kwenziwe. Ukufakazisa kulesisizukulwane sabeZizwe, ngaphambi kokuba sesulwe emhlabeni, ukuthi Wena unguMesiya. UyiNkosi uNkulunkulu weZulu. Wena ulapha, O Nkosi.

¹⁸⁷ Ngiyacela, ngicela Wena ukuthi unikeze okunye ukushaqeka okukhulu kulababantu, njengoba bekunjalo, noma uvule ukuqonda kwabo, ngokuba bazongena ezonweni zabo uma behluleka ukukholwa kuWe futhi bavume ukungabaza nokungakholwa kwabo. Kwangathi kungafika isibusiso esinjalo kubantu, manje nje, ukuthi bazokwazi ukuthi uMoya oNgwele ukhona, nokuthi Uzimisele nje ukubaphulukisa, njengoba Ethanda ukuphulukisa noma ubani. Kusekelwe phezu kokuthi, “Uma ungakholwa, zonke izinto zingenzeka.” Nkosi, siphe khona. Futhi kwangathi amandla aKho aphulukisayo angashanela ehlele ezinhliziyweni zabantu, manje nje, futhi aphulukise ngamunye wabo. NguyaKubonga, Nkosi.

¹⁸⁸ Lapho uSathane engena njengebhubesi elibhongayo, uMoya weNkosi uphakamisa ibhanela ngokumelene naye, futhi umgumbuqele, uSathane omkhulu ozisho ukuthi ungoMkhulu. Kodwa iNkosi yethu uJesu ingoMkhulu, Yona noBaba uNkulunkulu.

¹⁸⁹ Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi manje nje, ngoMoya waKho, ukuthi Uzodabula ezethamelini futhi uphulukise wonke umuntu. NgeGama leNkosi uJesu siyakucela. Amen.

¹⁹⁰ Uyakholwa ukuthi usuphulukisiwe na? Uyakholwa lokho, ngemivimbo yaKhe na? Ingabe kukhona okugxilise okwehange enhliziyweni yakho na? Unawo amasenti angamashumi amabili nanhlanu azokwenza ukuthi uhambe ukusuka esakhiweni na? Ingabe unawo na? Phakamisa isandla sakho. “Nginawo. Kungukukholwa okugxilise okwehange. Angikhathali ukuthi kuthatha isikhathi eside kangakanani, zingaki izinsuku, mangaki amahora. Nginamandla okuthenga okuphulukiswa kwami khona manje, futhi ngizohamba ngisuka kulesi sakhiwo, khona manje, ngokufanayo nje njengokungathi bengiphile ngokuphelele.” Wena kungenzeka, uma usukuma ngezinyawo zakho. Ungase ungabi; unganahle ungabi, amaviki. Angazi. Kodwa uzoba, uma unokukholwa ukukukholwa. UNkulunkulu ungukukholwa. Mkholwe ngenhliziyo yakho yonke.

¹⁹¹ Manje vele uzivalele noNkulunkulu, manje. Manje qalani nje kanje, “Nkosi, ngiyakholwa. Nkosi, ngiyakholwa. Konke ukungabaza kwami kungcwatshwe eMthonjeni. Nkosi, ngiyakholwa. Msindisi, phakamisa ukukholwa kwami kuWe, kuze kususe intaba. O Nkosi, Wena ubungaba nephutha na? Ngeke ube nephutha. Okokuqala, uma uMfowethu Branham ubengenalutho angalusho, iZwi laKho lisho njalo. Manje-ke, ngomusa, Uvumele uMfowethu Branham ukuba abheke phezu kwalesi sakhiwo kubantu abaningi, ukwenza into efanayo noWayenza ngenkathi Uhamba eGalile. Ukuba benginokungabaza enhliziyweni yami, Nkosi, khona-ke kususe, lungakapheleli usuku lwami. Ngaphambi kokuba ngibizwe, ukuba ngiphendule ekwaHlulelweni, susa isono sami sokungakholwa. Futhi ungenze ngibe owaKho manje. Mangibe ngowaKho.” UNkulunkulu anibusise, umkhuleko wami. Futhi labo. . .

¹⁹² Manje nisakhuleka, nivaleleke phakathi noNkulunkulu, bekukhona labo abaphakamise izandla zabo, abebefuna ukuhamba noNkulunkulu, befuna ukuMvulela izinhliziyu zenu. I-altare livuliwe manje, mngane wami. Ngingamema ngamunye wenu ukuba eze lapha e-altare futhi aguqe phansi, futhi athi, “Nkosi Jesu, yiba nomusa. Ngifuna Wena ungene enhliziyweni yami. Susa konke ukungabaza kwami. Susa konke ukwesaba kwami. Susa ubugovu bami. Susa yonke into, bese Uyangena. Ngena enhliziyweni yami futhi ube yiNkosi. O, ngiyakholwa

ukuthi UnguMsindisi wami, kodwa Wena ubungeyona iNkosi yami.”

¹⁹³ UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Igama lalendoda nguDavis. Uvela eVirginia. Uzele ukuzoyeka umkhuba wokubhema, negqubu elincane alibambe enhliziyweni yakhe ngothandiweyo wakhe kusukela esengumntwana. Yilokho ase-altare ngakho, kulokhukusa.

¹⁹⁴ Woza manje. Uyamenywa ukuba uye e-altare manje. Guqa lapha phambi kukaKristu kaNkulunkulu. Ungalinaki itabernakele elincane elithobekile. Naka ukuthi Ubani ophakathi lapha, kulokhukusa, uMsindisi wethu obusisiwe. Ungeza na? Uyamenywa. INkosi uJesu ikulindele ukuba ufike, ukuze wonke umoya (wokuhlansa) uphume enhliziyweni yakho.

. . . abantwana baKhe abathandekayo naye;

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
Abanye emlilweni, kodwa bonke eGazini;
Abanye osizini olukhulu, kepha uNkulunkulu
unikeza iculo,

Yenyuka, kulokhukusa, uguqe phansi eBukhoneni baKhe.

UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
abathandekayo;
Ngezinye izikhathi esigodini ezinzulwini
zobusuku,
UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
abathandekayo.

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
Abanye ekuvivinyweni okujulile, kodwa lonke
ngeGazi;
Abanye osizini olukhulu, kepha uNkulunkulu
unikeza iculo,
Enkathini yobusuku nemini yonke.

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
Abanye ekuvivinyweni okujulile, kodwa bonke
ngeGazi;
Abanye osizini olukhulu, kepha uNkulunkulu
unikeza iculo,
Enkathini yobusuku nemini yonke.

Noma sisehlelwa usizi, noSathane ephikisa,
UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
abathandekayo;
Singanqoba ngomusa . . . ? . . .
UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
abathandekayo.

Ngeke yini uMvumele akuhole na?

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
 Abanye emlilweni, kodwa bonke eGazini;
 Abanye osizini olukhulu, kepha uNkulunkulu
 unikeza iculo,
 Enkathini yobusuku nemini yonke.


¹⁹⁵ Manje niyamenywa, njengoba sicula; uma uNkulunkulu engqongqotha enhliziyweni yakho, ukukuvumela uvule inhliziyu yakho, ukubona uBukhona baKhe, ukujabulela izibusiso zaKhe eyiNkosi yakho, umbusi wakho. Ngeke nje wakhohlwa ukuthi ukuleli tabernakele elidadlana na? Futhi wenyukele lapha esiHlalweni sobukhosi somusa waKhe, bese uguqa phansi nalaba abanye abantu abakhala izinyembezi, futhi uvule inhliziyu yakho, ukuze Avule ukuqonda kwakho, ukuthi uyoba ngumntwana waKhe futhi uMkhonze. Siyaphinda sicula futhi, ivesi lokugcina laleliculo. Umenyiwe. Manje woza.

Kude nodaka, futhi kude nobumba,
 UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
 abathandekayo;
 Le enkazimulweni, osukwini lwaPhakade,
 UNkulunkulu uhola abantwana baKhe
 abathandekayo.

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
 Abanye ekuvivinyweni okujulile, kodwa bonke
 eGazini;
 . . . kodwa uNkulunkulu unikeza iculo,
 Enkathini yobusuku nemini yonke.
 (Maphansi.)

Abanye emanzini, abanye kuzamcolo,
 Abanye emlilweni, kodwa bonke eGazini;
 Abanye osizini olukhulu, (Aniqondi na?) . . .
 iculo,
 Enkathini yobusuku nemini yonke.

¹⁹⁶ Ngenhlonipho yokuzithoba sikhothamisa amakhanda ethu manje eBukhoni beNkosi enkulu yenkazimulo, iNkosana yokuthula enkulu. Sibonga kakhulu ngokuthi niphakamise izinhliziyu zenu zavuleleka kuloMoya omkhulu okhona manje. “Oza kiMi, aNgisoze ngamlahlela ngaphandle.” Kungenandaba ukuthi ziyini izidingo zakho. “Noma yini eniyifisayo lapho nikhuleka, kholwani ukuthi niyemukele, niyakuba nayo.” UNkulunkulu usenzela lokhu.

¹⁹⁷ Manje, bantwana, njengoba nisesakhiweni, noma yikuphi, kothamisani amakhanda enu nje. Nihloniphe ngokuzithoba ngempela ngenkathi umfowethu esakhuleka, futhi nizokwamukela lokho enikucelile. INkosi inibusise ngokucebile manje, ngenkathi udade eqhubeka nokucula kwakhe, kancane manje. [UMfowethu Neville uyakhuleka—Umhl.] 

NGIMI EMNYANGO NGINGQONGQOtha ZUL57-1208
(I Stand At The Door And Knock)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Disemba 8, 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2021 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org